# Ungenciki Kokwakho Ukuqonda

Asibe silokhu simile, umzuzwana nje manje, senzele umkhuleko. Bangaki phakathi lapha onesicelo enhliziyweni yabo, obungathanda ukuba uNkulunkulu akwenzele into ethize ekhethekileyo kulengqungquthela na? Asikhothamise amakhanda ethu manje kuYe.

2 Baba waseZulwini, singabantu abanenhlanhla ukuba sibuthane ndawonye lapha eGameni leNkosi uJesu, ezweni elikhululekile lapho esingaKukhonza khona ngeziyalo zikanembeza wethu, namanje. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi lokhu kuzolangazelela ukuba kube njalo. Futhi manje kwangathi singasebenzisa ithuba lalenhlanhla enkulu esinayo. Futhi kwangathi singafaka yonke inhliziyo yethu enkonzweni kulobubusuku, ukuba sikhonze Wena, ukuze kushiwo, ukuthi, "UNkulunkulu ube phakathi kwethu kulobubusuku, ebusisa abantu baKhe." Sindisa wonke umphefumulo olahlekile ophakathi lapha kulobubusuku, Nkosi. Nawo wonke umhlubuki, kwangathi bangabuyela endlini kaNkulunkulu. Ngikhulekela wonke umuntu ogulayo, kwangathi bangaphiliswa, abahluphekile bakwazi ukuhamba, nezimpumputhe zibone, abangezwa bezwe, udumo nenkazimulo makunikwe uJesu Kristu phakathi kwabantu baKhe. Kwangathi kungahlala kukhunjulwa, Nkosi, ngenxa yokuthi sizibuthele ndawonye futhi sacela eGameni likaJesu ngalezizibusiso. Amen.

Hlalani phansi.

3 Ngandlela thize, ekungeneni eRamada Inn, kubonakala njalo kunjengokubuyela ekhaya, ngendlela, ngoba sekube kaningi kakhulu ngilapha sengi—ngize ngicabange ukuthi bafanele nje baqale ukungazi. Futhi ngiyajabula ngalokho, ngoba ngithole isigejane esihle sabantu kulamaRamada Inn. Elilodwa eTucson nelilodwa lapha, babenomusa kakhulu kithina, besivumela sibe nezinkonzo. Kungekudala, ngaba nenkonzo okungeyami uqobo, ezansi eRamada Inn, nemenenja ayangangivumela ngisho ukuba ngikhokhele ukuqashwa kwendlu. Lokho kuhle ngempela. Ngiyakukhumbula lokho uma nginqamula amazwe, futhi, manje, labo abalungileyo kwabomuzi kaNkulunkulu.

4 Manje sibe, selokhu kube yiSonto ebusuku, noma ngeSonto ntambama, njalo, ezinye izikhathi ezinkulu eNkosini, noma okungenani ngibe nazo. Ngibe nesikhathi esimnandi ngijabulela

izibusiso zaKhe, nenhlanganyelo kaMoya oNgcwele nanabantu baKhe.

5 Ngi—ngithanda ukukhumbula, ukuthi, sindawonye sikhonza uNkulunkulu. Uyingxenye engahlukaniseki kaNkulunkulu, ingxenye kaNkulunkulu, uma uba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu. NoNkulunkulu ukuwe, ethanda intando yaKhe, uma uzoMvumela ayenze.

6 Ngakho siyethemba, kulobubusuku, ukuthi wonke umuntu uzokhohlwa ngezinto ebese kuyizinsuku, futhi ebeka yonke into eceleni, futhi nje sifake izinhliziyo zethu enkonzweni ngqo manje; hhayi kuphela kulobubusuku, kodwa engqungqutheleni ezayo. Akungabazeki izithunywa eziningi sibuthene. Ngibona abanye abengeziwe kulobubusuku emsamo, bebuthanela ingqungqthela eqala kusasa. Futhi ngicela abantu abalapha ngemvuselelo ebesisanda kuba nayo nje, ukuthi, uma konke kunokwenzeka, ngifisa sengathi beningasalela ingqungqthela. Sizoba nezikhulumi ezithile ezikahle zifakwe ohlwini. Omunye umfowethu akakwazanga ukuza, futhi, kodwa sineziningi ezizoba lapha ukuba zithathe indawo yakhe. Ngifuna ukuba kuyo yonke ingqungqthela uqobo lwami, ukuba ngijabulele lenhlanganyelo.

7 Niyazi, senyukela lapha njengabefundisi, futhi siyakhuluma, futhi sihlala njalo sinika abantu yonke into ekithi. Ngashumayela indaba ngesinye isikhathi, lapho uJesu athi, "Bhekani umnduze, ukuthi kayi—kayikhandleki kayiphothi, kepha Ngithi kini ukuthi uSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye." Futhi ngithola ukuthi, umnduze ufanele ukhule, imini nobusuku, uphothe, ukhandleke, nokuzenza ukuba ukhiphe imisebe. Kodwa awutholi sibusiso kuwo, uqobo lwawo. Uzivula wona, no—nodlulayo uhogela amakha kuwo. Inyosi ithola uju khona impela enhliziyweni. Unikela ngakho konke okhandlekela ukukufaka. Futhi ngibiza umlayezo wami ngokuthi, *Mfundisi ohloniphekile Mnumzane Mnduze*, lolo wuhlobo oluyinqaba.

8 Kodwa—kodwa kungukuthi, abefundisi bazinikela uqobo lwabo kubantu, futhi kuhle-ke nje ukuhlala phansi futhi—futhi ulalele abanye. Njengokufudunyezwa ngumlilo, siyathanda ukuhlala phansi kwelangabi lomlilo womunye bese sifudumeza izinhliziyo zethu ngeVangeli abazalwane bethu alishumayelayo kubantu. Futhi ngiyabonga ukuba nalelithuba lokwenza lokho. Namanje ngiyethemba kulobubusuku . . .

9 UBilly ungitshele ukuthi uwakhiphile amakhadi omkhuleko, ngokugcwele. Futhi besingekwazi ukuthola umugqa womkhuleko phezulu lapha ukuba besizokwenza. Niyabo, beniyodingeka niphume nijikeleze nedlule lapho, futhi nedlule ehholo elimnyama, bese nenyukela ngapha. Beniyokhubeka

phezu kwayo yonke into, ukuba ningene lapha. Nabahluphekile nabakhubazekile bebeyoba sesimweni esibi kakhulu, bekwenza.

10 Kodwa asazi ukuthi iNkosi yethu ingahle yenzeni. Ingahle yehlele phakathi kwethu ngqo, kulobubusuku, futhi—futhi iphilise wonke umuntu olapha, konke ukugula. O, ngingaqoka ukubona lokho kunayo yonke imigqa yomkhuleko esengake ngaba nayo empilweni yami, nje—nje ukubona ukubusa kukaNkulunkulu kwehlela phakathi kwabantwana baKhe abalalelayo. Ngi—ngikuthanda njalo lokho.

11 Ngokwejwayelekile, uma unanoma yikuphi ukuxhumana okuqondene nabantu siqu sabo, njengokokubekwa kwezandla, bekungenzeka, angicabangi ukuthi abaningi kakhulu bebengakwenza lokho, awu, bebeyothi, "Umfundisi othize-thizeni wabeka izandla zakhe phezu kwami, futhi, udumo kuNkulunkulu!" Lokho kwenza abantu babuke lowomfundisi-ke.

12 Kodwa uma ungavele nje ume lapha, ushumayele iZwi, futhi udedele uMoya oNgcwele aphilise bonke, khona-ke lapho ngokoqobo nje kungumusa kaNkulunkulu. Bese-ke uNkulunkulu ethola lonke udumo, inkazimulo. Akukho-thunzi lalutho kungesilo lamuntu omunye. Yileyondlela mina, enkonzweni yami, isizathu sokuba ngingafinyeleli kwabaningi kakhulu, ngaphandle... Manje, izolo ebusuku, sizame ukukhulekela abaningi ngakho konke ebesingakwenza. Kodwa ukubekwa kwezandla . . .

13 Ngokwejwayelekile kuba sebusuku obuningi, nje mhlawumbe uMoya oNgcwele ufika ngqo phakathi kwethu bese uhamba ukuba Uzibonakalise, Uzazisa phakathi kwethu. Bese kuthi-ke ngalokho, ngiyacabanga, kungokwangempela, uma Engakwenza mhlawumbe ngokuzibusa, niyabo. Ngeke ngathi manje, "Lona wesilisa, noma *lona* wesifazane, noma *lowo* mntwana," niyabo. UMoya oNgcwele uphumela endlini bese ekhuluma kulowo Azokhuluma kuye. Niyabo, lokho ngukubusa. Bese kuthi-ke lokho kuletha ukwazi, ngoba yisithembiso sikaNkulunkulu, nalokho kuletha ukwazi kokubusa kukaNkulunkulu, kanti futhi kwehlisela uBukhona baKhe phakathi kwethu. Besifanele sikubone futhi sijabule! Futhi akunandaba . . .

14 Wena uthi, "Awu, bengikhubazekile esandleni sami. Bengilapho izolo ebusuku. A—a—angitholanga bungcono." Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kuwe, sekuvele kuphelile. Awubuki sona isandla sakho-ke, ubuka isithembiso, uyabo. Futhi ngakho-ke, ungeke wathi, "Awu, uMfowethu *uS'bani-bani* akakhulekanga umkhuleko wokukholwa, noma ukuthi-nokuthi." NguBukhona beNkosi obukunike ukukholwa, uyabo, kwase kuthi-ke Wathumela iZwi laKhe lase liyabaphilisa.

15 Manje, izolo ebusuku nge—ngephule isithembiso sami futhi. Ngizozama ngempela ukusigcina kulobubusuku, uma ngingakwazi. Futhi manje omunye uthe, “Awuhlalanga endikimbeni yakho izolo ebusuku.” Qhabo, a—angizange; ngoba, ngizokutshela ukuthi kungani. Bengizokhuluma ngendaba, manje ngiyakhohlwa nje ukuthi yini, *Kepha uNkulunkulu Ocebile NgesiHawu.*

16 Futhi ngifanele ngizame ukuchaza ukuthi kwaba kanjani uPawulu, ekhuluma lapho, wathi, “Thina esasinjalo ezikhathini ezedlule,” ngesinye isikhathi, esinye isikhathi kunamanje, “sasifile, futhi sisesonweni naseziphambukweni; uNkulunkulu asiphilisile, wasenza saphila.” Manje, niyabo, ngaphambi kokuba noma yini iphiliswe, kuzofanele kubekhona into ethize lapho yokuphilisa ngayo. Kunjalo.

17 Ngakho, uyabo, uma wawusekwazini ngaphambili kukaNkulunkulu, khona-ke uba yingxenye kaNkulunkulu. Futhi indlela kuphela ongaba ngayo yindodana kaNkulunkulu noma indodakazi kaNkulunkulu, wafanele ube yingxenye kaNkulunkulu, noNkulunkulu akaphelele ngaphandle kwakho. Ufanele. Kunjalo, ngoba Munye, yinye kuphela indlela yokuPhila okuPhakade, naleyo nguNkulunkulu, futhi Yena kuphela unokuPhila okuPhakade. Niyabo? Manje, nawe wawuyingxenye yaKhe, ngangokuthi uyingxenye engehlukaniseki, noma usekucabangeni kwaKhe ekuqaleni. Nalokho, ngoba Wacabanga ngawe ekuqaleni, kunikeza lokho kudluthula okuncane okuya ngakuYe. Yilokho okuzofanele kuphiliswe. Abanye babo abasoze baphiliswa; abanakho nje, yilokho kuphela.

18 Njengokuthi nje uma ubungafaka uhlamvu lommbila emhlabathini, belungena...Noma ngabe beluluhle kanjani, uma belungenayo imbewana yokuphila kulo, alusoze lwaphiliswa. Kodwa imbewana yokuphila izofanele ibe lapho kuqala.

19 Futhi nginaleyondatshana mayelana nalolokhozi, luhamba nezikhukhukazi namachwane ngoba lwachanyuselwa futhi lwazalwa lapho, kodwa aluzange luzizwele nje njengalawomachwane. Futhi, niyazi, ngenkathi umama walo edlula futhi wampompoloza, lwezwa iphimbo elalizwakala lilihle kakhulu kulo, ngoba, khumbulani, lwaluwukhozi, kwasekukuqaleni nje. Lwalufanele nje luze ukuba luzithole lona uqobo, ukuba luthole indawo yalo.

20 Futhi yileyondlela lonke ikholwa eliyiyo. Awuzalelwanga lelizwe. Wadalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, ukuba ube yindodana kaNkulunkulu. Futhi awusuye owakuleligceke lezinkukhu phandle lapha. Uwukhozi.

21 Futhi niyazi, ngibe phezu kwalolo “khozi” futhi bengingasakwazi ukubeka izinyawo zami zibuyele

emhlabathini, ngakho nje ngithole...Ngihambe isikhathi eside kakhulu, ngase-ke ngikhohlwa ukuthi indikimba yami ibiyini, futhi ngalahlekelwa amanothi ami nakho konke okunye. Benginesikhathi esimnandi kakhulu. Kodwa yilokho obekuyikho, nje bekukulolo "khozi."

22 Manje kwangathi loloKhozi, uNkulunkulu! Niyazi, uNkulunkulu ufanisa abaprofethi baKhe nezinkozi. Futhi Uzibiza Yena ngokhozi; UnguJehova Khozi, uBabayi Khozi.

23 Nesizathu sokuba Enze lokho, ukhozi lungandiza luphakame ukwedlula noma yiyiphi inyoni ekhona, futhi ngoba lwenziwe lwehluka kunoma yiyiphi enye inyoni. Manje, alwakhi isidleke salo emhlabathini njengezinkukhu kanjalonjalo, kodwa luya phezulu ukuyokwakha isidleke salo.

24 Futhi enye into, ukuthi, luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo. Manje uma u—uma uheshane, noma igwababa, noma uklebe, kumbe noma yiyiphi enye inyoni ingahle izame ukululandela iyongena emazulwini, ibingabuthuka; ayenzelwe lona. Uzofanele, umuntu okhethekileyo ukuba enyukele lapho. Amaphiko alo aqine kakhulu kunanoma yiyiphi enye inyoni.

25 Ne—neso lalo libukhali kunoma yiyiphi enye inyoni. Futhi lapho luphakama kakhulu, kuyilapho lukwazi ukubona khona kude. Awu, ezinye zalezozinyoni, uma ziphakama kakhulu njengoba zifanele, ziphuphutheka njengelulwane. Futhi kungaleyondlela nge...Awu, uma beshiya lesosivumokholo, abazilutho ngaKho-ke. "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," ngani na? BangeKubone.

26 Kodwa izinkozi zingahamba ziyongena emazulwini, namazulu eZulu phezulu lapho. Kusizani ukwenyukela laPho uma ungenakubona na? O, ngijabula kakhulu ukuba ngomunye wabo, futhi ngazihlanganisa naso sonke isidleke esigcwele sazo manje.

27 Asiphenye eTestamenteni eLidala, eNcwadini yeZaga, ilotshwe nguSolomoni, omunye wabantu abahlakaniphe ukwedlula bonke ezweni, ngaphandle kweNkosi yethu uJesu. Kodwa Wayengafani ncamashi noSolomoni, ngangokuthi uSolomoni wayengumuntu ozelwe ngowesifazane futhi wazalwa nguyise wasemhlabeni, uDavide. Kodwa uJesu wayeyiNdodana ezalwa yintombi, futhi wayengesuye umuntu phaqa; kodwa WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu-Muntu, futhi Wayengaphezu komuntu, WayenguMuntu, nokunye. Niyabo? Kodwa uSolomoni wayengumuntu nje njengawe nami, futhi wacela kuNkulunkulu ukuhlakanipha, ukuba aphathe umbuso wakhe. Futhi wayenesiphiwo sokuhlakanipha, umuntu okhaliphe ukwedlula bonke esake samazi ngaphandle kweNkosi yethu. Waloba iZaga, futhi ngicabanga ukuthi zinhle kakhulu.

28 Futhi sizophenya manje eNcwadini yeZaga, isahluko 1, futhi, noma isahluko 2, njalo, namavesi ambalwa okuqala eZaga, zesi 2, siqale ngelo 1. IZaga 2, siqale ngelo 1, ukuqhubeka kukaSolomoni eluleka amadodana akhe, "Ndodana yami, uma uyokwemukela . . ." Ngiyaxolisa.

29 YiZaga 3:1. Ngiyaxolisa. Ngibuke ngapha e—ebhukwini lami, futhi ngiyabona ukuthi yiZaga 3 esikhundleni sesoku 1 noma esesi 2. Ngiyaxolisa. IZaga 3:1.

> *Ndodana yami, ungakhohlwa umthetho wami; kepha inhliziyo yakho mayigcine imiyalo yami:*
>
> *Ngokuba iya* ku . . . *iyakwenezela kuwe, ubude bezinsuku, neminyaka yokuphila, nokuthula.*
>
> *Isihe neqiniso makungakushiyi: kubophe entanyeni yakho; ukulobe* ezibhebheni *senhliziyo yakho:*
>
> *Ukuze uthole umusa nokuqonda okuhle emehlweni kaNkulunkulu nabantu.*
>
> *Themba eNkosini ngayo yonke inhliziyo yakho; ungenciki kokwakho ukuqonda.*
>
> *Yazise yona ezindleleni zakho zonke, iyakuqondisa* umkhondo *yakho.*

30 O, ngicabanga ukuthi lowo ngumBhalo omuhle kakhulu kakhulu! Manje ngifuna ukuthatha okwendikimba, e—evesini 5, *Ungenciki Kokwakho Ukuqonda.*

31 Manje lena yi—yindikimba exakile impela yosuku esiphila kulo, ngoba izigcizelelo namhlanje ngempela sibekwe phezu kwemfundo naphezu kokwethu ukuqondwa kwezinto, usuku lo—lokufunda. Kodwa siyathola lapha ukuthi lenkulumo-mbiko exakile, njengeminye imiBhalo, inendawo yayo, futhi sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosenza sibone ukuthi indawo ikuphi.

32 Namhlanje sithumela abantwana bethu esikoleni, ukuba babe nokuqonda. Bese kuthi emva kokuba sebeqedile ezikoleni zokufunda nokubhalwa kolwimi, sibathumela esikoleni esiphakeme ukuba babe nokuqonda okungcono kokwazi. Bese kuthi emva kokuba sebeqedile lapho, abanye abantwana banenhlanhla ngisho eyenele ukuba baye ekholiji, futhi bedlulele ekholiji ukuba baqede imfundo yabo nokuqonda kwabo kokwazi. Abadingwa khona yi . . . Izikhathi eziningi, ukuba bathole umsebenzi, ufanele okungenani ube nokuqonda kwasesikoleni esiphakeme, noma imfundo yasekholiji, noma okunjalo.

33 Nokho, uSolomoni ohlakaniphile wasitshela ukuba, "singenciki kukho, kungabi sekuqondeni kwethu; singafundi ngalezizinto." Ngoba, siyamangala ukuthi kungani asho into enjengalena, ngokuba kungenxa yokuthi ngokwejwayelekile ukuqonda kwethu kwesimodeni ngokwejwayelekile kungukuhlakanipha komuntu, okuphambene neZwi

likaNkulunkulu. Ngicabanga ukuthi kuyilokho uSolomoni ayezama ukukweluleka amadodana akhe, kwakungesikho ukungakwazi ukufunda nokubhala, kodwa ukuba angenciki ekuqondeni kwawo.

34 Futhi ngicabanga ukuthi bekungaba yintshumayelo engumyalo omuhle namhlanje, uma sishilo emadodaneni ethu nasemadodaneni kaNkulunkulu, ukuthi, kulungile ukuba nemfundo, akukho lutho olumelene nalokho; kodwa uma leyomfundo iphambene neZwi likaNkulunkulu, khona-ke ncika eZwini futhi udedele imfundo yakho ihambe, uyabo, ngoba, iZwi. Nemfundo iyoma futhi iyokunika umsebenzi omuhle, mhlambe ukuma kahle phakathi kwabantu abayizihlakaniphi, kodwa, lokho kulungile, okuzothi mhlambe kube lusizo olukhulu kuwe, kukusize kwezezimali zakho nomsebenzi wakho—wakho othola ngawo impilo, uziphilise mhlawumbe kube ngconywana kuwe.

35 Kodwa khumbula into eyodwa, ndodana yami, uzofanele ufe. Akunandaba ukuthi unemfundo engakanani, ukuthi ukwazi kangakanani ukunqwabela impucuko, usazofanele ubhekane nokufa, ngoba kulotshiwe, ukuthi, "Umuntu umele afe, bese emva kwalokho ngukwaHlulelwa." Futhi uNkulunkulu, uma . . . Ukufa akukubi kangako, kodwa ukuza ekwaHlulelweni kuyingxenye embi. Manje, ungafa, "kodwa emva kwalokho ngukwaHlulelwa." Futhi uNkulunkulu akazukubuza kuwe ukuthi wawunokufunda kwasesikoleni okungakanani ngenkathi uselapha emhlabeni, ukuthi wanqwabela ukwazi okungakanani, noma ngabe uneZiqu zakho zobuCiko, kumbe noma ngabe siqu sini owawukade unaso, ngisho njengomfundisi. Akuzukudingeka kuwe.

36 Kodwa kuzodingeka, kuwe, ukuthi wenzani mayelana nokuqonda iZwi likaNkulunkulu. Yilapho isidingakalo sifika khona, ngoba Lokho. Imfundo yakho yinhle, kodwa iZwi likaNkulunkulu lingukuPhila. "IZwi laMi lingukuPhila," nokuLazi kungukuPhila. Futhi Yena, Wathi, "Yazi Yena." UyiZwi. Ngakho ungazi Yena kuphela ngeZwi, ngokuba UyiZwi. Yileyondlela kuphela oyoMazi ngayo, kungeZwi laKhe.

37 Omunye ubengenyuka bese ethi, "*lona* nguNkulunkulu," noma "*lowo* nguNkulunkulu," noma "*lona* nguNkulunkulu," noma "*lokhu* kuqinisile," na "*lokho* kuqinisile," kodwa sibuyela eZwini, eliyiQiniso.

38 NeZwi lifana nje ne—nenkanyezi yaseNyakatho, yinkanyezi yeqiniso. Akunandaba ukuthi izwe lintanta ngaphi, leyonkanyezi yaseNyakatho ibekwe yaba sesenta nomhlaba. Uhlela inkombandlela yakho ibheke ngasenkanyezini yaseNyakatho. Ihlala njalo isesenta yomhlaba. Ezinye izinkanyezi zihamba zintanta nezwe, kodwa inkanyezi yaseNyakatho ihlala ime.

39 Manje inkombandlela inguMoya oNgcwele, ne (i) sigxobo sakho—sakho sokubophela siyoba yiNkanyezi yaseNyakatho, ngakho uMoya oNgcwele uyohlala njalo ukhomba ngaseZwini. UMoya oNgcwele awusoze wakuholela kunoma yini enye into kepha eZwini likaNkulunkulu. Ngakho umuntu angasemukela kanjani isivumokholo, sibe siphambene neZwi, bese-ke ebe esalokhu ethi unoMoya oNgcwele na? UMoya oNgcwele ubuyokukhomba ukususe kulokho. Kuthatha uMoya oNgcwele ukukukhomba eZwini, ngokuba UyiZwi. UyiZwi, futhi kuphela Linga . . . Njengo—njengokukazibuthe kwinkombandlela isethwe kuphela yabheka ngaseNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho, yileyondlela kuphela engadonsela kuyo. Futhi uma uMoya oNgcwele unguMqalisi noMlobi, nomphilisi weZwi, Angamkhomba kanjani umuntu konoma yini enye ngaphandle kweZwi na?

40 Ngakho uma umuntu ethi banoMoya oNgcwele, futhi bavume into ethize ephambene neZwi, kukhombisa ukuthi lowo akusuye uMoya oNgcwele wangoqobo abanawo. Niyabo? Kungahle kube yisipoki, ngeke ngaphikisana nalokho, kodwa aku—kusuye uMoya oNgcwele kaKristu. Manje, niyazi, izikhathi eziningi, bathathelana imimoya; futhi ngakho lowo ungakhomba, njengaseqenjini lomuntu, uye entweni ethize, kodwa ungeke—ungeke ukhombe kuKristu. Kodwa uMoya oNgcwele njalo ukhomba kuKristu, noKristu yiZwi.

41 Siyakubona lokhu ngokusobala kakhulu eBhayibhelini. Noma, ngiyakubona. Mhlawumbe ngingahle ngibe nephutha, kodwa, ekucabangeni kwami, kodwa angicabangi kanjalo; ngenxa yokuthi, lokho, lokhu: "Ungenciki kokwakho ukuqondwa kwezinto." Uma wencika kokwakho ukuqonda, khona-ke noma kanjani uzophuma emgwaqeni oyiwona wona. Ungeke wencika kunoma okukabani ukuqonda, uma sekuza ekuPhileni. Ukuthola ukuPhila, ufanele wencike eZwini. Lokho ngukuPhila.

42 Siyakubona lokhu, kusukela ekuqaleni. Kwaziswe ngokusobala kakhulu kithi, kusukela ekuqaleni, ukuthi uNkulunkulu wanika umndeni waKhe wokuqala emhlabeni iZwi laKhe, ukuba uphile ngalo. IZwi laKhe kuphela, kwakungukuphila ngalo. Manje, lokho akusikho ngokudla ukudla, kanjalonjalo. Kodwa iZwi laKhe babefanele baphile ngalo, Phakade. Futhi inqobo nje uma babegcina leloZwi, babephila Phakade. Kodwa owokuqala umusho omncane waleloZwi wabekwa endaweni okungesiyo, lonke iketango lagqashuka, nesintu sashona shi ekufeni. Niyabo, manje siyaqaphela.

43 UEva, okwakungekho kungabaza engumuntu ohlakaniphile; owokuqala ophume ngqo kuAdamu, owayeyi—yindodana kaNkulunkulu. NoEva, impela ekuleyondawana lapho okwakukade kungekho khona sono, kungekho ndawo yesono,

ufanele ukuthi impela wayenombono omangalisayo wokuthi uNkulunkulu wayeyini. Ngoba, njalo ntambama, yena nendoda yakhe babehamba ekupholeni kwasensimini, kusihlwa, futhi bakhulume ubuso nobuso noNkulunkulu. Kuyi—kuyinto engenamqondo kanjani ukuba umuntu owayekwazi ukuhamba ubuso nobuso noNkulunkulu, usuku nosuku, abese-ke ephendukela ekuzindleni kwento ethize eyamzindlisa wasuka eZwini likaNkulunkulu!

44 Sisenabo. Bazindliswa kalula basuke eZwini likaNkulunkulu, emva kokuhlala eBukhoneni bukaNkulunkulu. Bebona iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, izidakwa nezoni ziza ealtare futhi ziphendulwe futhi zenziwe izidalwa ezintsha kuKristu, abantu abanesimilo esibi benziwe amanenekazi nabanumzane abahloniphekile; bese-ke ukuba baphenduke basuke kuleyoNto ebusisiwe ebaholele kulokhu ukuPhila, bese-ke bephendukezelwa basuke balandele olunye uhlobo lwesivumokholo, ukuba bathandwe kakhulu ngabantu noma—noma bangene kulokho abayokubiza ngezinga elingcono labantu.

45 Ngani, nisezingeni eledlula onke elikhona: amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Awu, ngithanda lesosixuku kangcono ukwedlula ebengingakwenza nawo onke amakhosi nababusi, nakho konke okunye. Nginike lesosigejane sabantu abathobile, uma bengasazi isandla sabo sokudla kwesabo sokunxele! Inqobo nje uma bazi uNkulunkulu, futhi baMthande futhi baMkhonze, lowo ngumuntu odumileyo waseZulwini, kimi. Yebo, mnumzane!

46 Manje, kodwa sithola ukuthi uEva wavunyiswa kalula nguSathane, esuka eZwini likaNkulunkulu, futhi wencika kokwakhe ukuqonda, ngoba uSathane wayephisele into ethize kuye eyayingesikho ukuqonda uNkulunkulu kwangempela. Kodwa wayenenye into atshelwa yona yisitha, uSathane, futhi wayikholwa.

47 Manje sithola imiphumela yalokhu. Kwashonisa shi sonke isintu ekufeni, ngoba umama wokuqala emhlabeni, wencika kokwakhe ukuqonda, okuphambene neZwi likaNkulunkulu, futhi washonisa shi sonke isintu ekufeni. Manje niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lelo yiZwi. Awu, owesifazane njalo u . . .

48 Ibandla, eBhayibhelini, lifanekiswa nowesifazane. Nebandla namhlanje lingemukela isixheke semibhedesho noma izivumokholo, futhi lishonise shi lonke ibandla ekwahlukaneni noNkulunkulu. Labobantu abazithathela lezozinto, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, banjengoEva nje. Futhi bekwenziwa kuphindaphindwa, sekuze kwathola

lesisizukulwane sonke sashona shi sasuka eZwini likaNkulunkulu.

49 Futhi uma iZwi libonakaliswa, iZwi liyembulwa, ngeke baLemukele, ngoba ngeke bakwenze, ngoba bencika kokwabo ukuqonda. "Lelibandla lakhiwa lapha. Yindawo enhle. Yinhlangano enkulu. Yilunga lesigungu esikhulu sabantu. Kungani singebe ngowalelo na? Ngizothembela kulo." Ungethembeli ekuqondeni okungokwakho, kodwa thembela eZwini leNkosi!

50 Manje—manje kwaphetha, ekugcineni, ekufeni kuso sonke isintu, njengoba ngishilo, kuyafana namanje, kubantu abaningi abathembela kokwabo ukuqonda, imibhedesho yabo nezivumokholo, kanjalonjalo, bezisho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu aliqinisile du, ukuthi okunye kwaLo kuphefumulelwe nokunye akunjalo." Ungaba kanjani nokukholwa eBhayibhelini, uma ingxenye yaLo iphefumulelwe nengxenye yalo ingaphefumulelwe na? Uma esisodwa, uma isicaphuno esisodwa siyiphutha, khona-ke yonke into ingahle ibe yiphutha. Lifanele lonke libe ngeliqinisileyo, ngeliqinisileyo impela.

51 Nezinye zalezi ezibizwa kanjalo, eziphendukezelwe, izikole zeBhayibheli zifundisa ukwazi komuntu, ukunqwabela, lapho behlangana khona ndawonye bese behlala emkhandlwini wabantu, bese bethi, "Manje bukani, uma izinsuku zezimangaliso, lwaphela ngezinsuku zabaphostoli." Nabaningi bamadoda phansi kombhishobhi noma amadoda aphakeme, ayohlala lapho futhi athi, "Awu, uma nje ngingavumelana naye, akungabazeki kodwa ngingahle ngibe semgqeni ngokulandelayo ngithole isikhundla sakhe." Niyabo, khona-ke wencika kokwakho ukuqonda, esikhundleni sokuma ngezinyawo zakho zombili wenzele iZwi likaNkulunkulu. Yilokho okubangela lezizinto.

52 Esikhathini esithize esedlule, omunye... Ngangisempikiswaneni ngentela yeholo lonyaka. Futhi bathi kimi, bathi, "Ngani, abaphatheli bakho abayilutho kuphela bayizincelebana, ngiyethemba."

53 Ngathi, "Ukuba benginomphatheli ebhodini, obenombono owehlukile, futhi engeke asukume futhi (angikhathali ukuthi ubani okhuluma ngakho) obezozwakalisa eyakhe imibono ngakho, bengiyomkhipha aphume ebhodini." Yebo, mnumzane. Nakuba bekuphambene nenkolelo yami, ngifuna ezwakalise lokho akucabangayo ukuthi kuqinisile. Yilokho engimfakele khona lapho, ngibone ukuthi uthini ngakho. Kodwa sinakho lokho.

54 Qaphelani, uJesu wathi, kuJohane oNgcwele 10, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." IPhimbo, kusobala, liyiZwi laKhe, uma Ekhuluma. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. IPhimbo

laMi lifakazisiwe kuzo, ukuthi liqinisile. Liqinisekisiwe ukuthi liyiPhimbo laMi." Manje, manje qaphelani, azikho ngaphansi kokuba zilandele noma yiliphi elinye iphimbo. Zingeke. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, nomfokazi azisoze zamlandela." Ngamany'amazwi, angeke ziliqonde iphimbo lesayense yezenkolo elifundisa okuphambene neZwi. Izimvu azikuqondi lokho kungengaphezu kokhozi, izolo ebusuku, ukuthi lalingaqonda ukukukuza kwesikhukhukazi. Azikuqondi, ngoba lwaluwukhozi. Futhi leyo yinto efanayo ngomntwana kaNkulunkulu wangokoqobo ozalwe ngokusha, baqonda kuphela izinto ezingezikaNkulunkulu.

55 Manje omunye uthi, "Awu, manje buka, ubungakwenza *lokhu*, ngiyacabanga. Kuyikho, ngikholwa ukuthi akungayo *le*ndlela. Ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Angikholwa ukuthi lokho ngukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Angikukholwa Lokhu." Manje umKristu wangokoqobo ozelwe ngokusha, ongasoze avale ezindlebeni zakhe, akakuqondi nhlobo. Futhi angakwenza kanjani umuntu okholelwa kuNkulunkulu, futhi ongafunda iBhayibheli futhi abone ukuthi nguYena izolo, namuhla, naphakade, oyoke avume into enjengaleyo, angikuqondi.

Ngakho abenciki kokwabo ukuqonda.

56 Njenge—ngengane nje. Thatha ingane encane, bese uyidedela izalwe futhi uyidedele kanye yencike esifubeni sikanina, incele kuye, ubisi olufudumele, incikise ikhanda layo elincane esifubeni sakhe, nakuba inamahora ambalwa nje ubudala. Osukwini noma ezimbili kusukela ngaleyonkathi, isuse kumama wayo bese uyinikela ibele likamama engamjwayele, iyokhahlela ngalezozinyawana zayo emoyeni futhi ikhale ngamandla. Akusuye umama wayo. Niyabo, ibisivele inokuthize ngayo, ngoba iyingxenye kalomama, nokho imvelo iyihlinzekele indlela yokwazi umama wayo uqobo.

57 Futhi uma imvelo ihlinzeke indlela yokuba ingane yazi unina, lapho izalwa khona, inakho kangakanani-ke indodana kaNkulunkulu ezalwa nguMoya kaNkulunkulu. Iyamazi uMama wayo! Iyazi, ngoba yazalwa ngeZwi, futhi iyaliqonda iZwi. Ifake endaweni engayejwayele, impela iphumile—iphumile endaweni, iyophuma lapho ngokukhulu ukushesha engakwenza. Ngoba inakho, ayenciki . . .

Omunye uthi, "Manje awulinde, s'thandwa, lona ngumama wakho manje."

58 Akusuye unina, ngoba inendlela yokwazi ukuthi iyingxenye yalomama. Lowo ngunina, akekho omunye ongake aze athathe indawo yakhe. Iyamazi unina uqobo. Qaphelani, ukuthi kukanjani, ukuthi kuyikho ngempela kanjani. UNkulunkulu wenze yonke into ngenhlobo yayo.

59 Izinkomo ngenhlobo yazo. Isikhathi esiningi ekuziqoqeleni ezansi, sasiletha yonke imihlambi yezinkomo namankonyane amancane, ngangivamise ukumangala ukuthi ayoke amazi kanjani umama wawo uqobo. Manje, wona, ehla evela ezintabeni, izinkomo zonke zixubene ndawonye. I—i—inkomazi enenkonyane, mhlawumbe inkonyane elambe kancane ingahle incele kancane komunye umama, uma ilambe ngempela; kodwa uma sizimisa, phandle enkangala, lowomama uqala ukudabula lesosixuku samankomazi namankonyane aze athole eyakhe uqobo, nenkonyane igijimela unina. Iyakwazi lokho kububula okuthize okuncane nokukhala kwakhe. Futhi ukhalela leyonkonyane, nabanye omama bakhala uze ungazi ngisho ukuzizwa wena uqobo ucabanga, kodwa leyonkonyane encane iyokuthola lokho kubiza okuthize kukamama wayo, ngoba iyinxenye kamama.

60 NomKristu ozelwe ngokusha eZulwini, uyingxenye yaleliZwi. Kunjalo. Omunye umama ngeke amlandele. Uyingxenye yeZwi. Uhlala neZwi. "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani ongazilungiselela ukulwa na?" kwasho uPawulu. Uyakwazi ukukhala kweZwi. Qaphelani ukuthi lokhu kuka—kukanjani, isandla sikaNkulunkulu esasimiselwe ngaphambili sibalandela njalo. Uyazi ukuthi wamiselwa, wayeseVangelini leQiniso. Wayazi ukuthi wazalwa nguMoya kaNkulunkulu. Uyazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu ngeke waliphika iZwi likaNkulunkuku, ngakho ngakho-ke umfokazi akasoze amlandela. Qaphelani ukuthi kanjani . . .

61 Bengibheka emuva lapha enothini ebengilibhale phansi lapha. Nge—ngedlule ngakulo, kodwa nje kwenzekile ngabona ukufundwa komBhalo, ngicabange ukuthi ngizobuye ngibhekisele kuwo futhi. Qaphelani ukuthi izimvu zaKhe uqobo ezimiselwe ngaphambili zaMlandela kanjani, ngazo impela izinsuku zosiyazi bezenkolo abakhulu ukubedlula bonke esake saba nabo. Baphuma ngqo, ngoba babeMazi. Babazi ukuthi iZwi lalethembiseni lwalolosuku. Babazi ukuthi uMesiya wayezoba njani uma Esefikile. NoSimoni Petru weza kuYe, okwakusengu "Simoni" kuphela ngaleyonkathi.

62 NoAndreya wayezamile ukumtshela ngalokho. "LoMuntu unguMesiya." Awu, uSimoni, kusobala, wayethe mhlawumbe ukuba nekhanda elil'khunyana, futhi akahambanga.

63 Kodwa ngenkathi ehamba enyukela eBukhoneni bukaJesu, ngenkathi uJesu ethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase." Manje siyazi ukuthi uJesu watshela abaphostoli baKhe ukuthi Wayebazi, naye, "ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Babeyizingxenye ezingahlukaniseki zemicabango yaKhe. Ngakho-ke, ngokuba yileyombewu ilele kuye, futhi wayazi ukuthi iZwi lasho futhi lalethenjisiwe ukuthi uMesiya wayezoba ngumprofethi. Futhi ngenkathi esebone lokho, wayeseqedile ngokudoba. Wazi-ke ukuthi

wayezoqathaza amanetha akhe, ngoba wayezohamba—hamba futhi abe ngumdobi wabantu. Ngokuba . . .

64 Manje, nakho kwakumi abanye bemi lapho, ababebone into efanayo yenziwa, futhi bayithatha njengokuthi ingu "moya omubi." Lokho kwakungosiyazi bezenkolo, ngoba kwakungekho ekunambitheni kokufundisa kwabo kwesayense yezenkolo. Futhi bakwala, ngoba bencika kokwabo ukuqonda, ngodokotela babo; ngenkathi, uJesu Kristu efika ekugcwalisweni kweZwi lesithembiso, futhi babephuphutheke kakhulu ukuba bakubone. Bencika phezu kwalokho okwakushiwo ngabapristi, naphezu kwalokho okwakushiwo yibandla, esikhundleni saphezu kwalokho okwakushiwo nguNkulunkulu.

65 Manje uJesu wabasola ngakho. Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nizisho ukuthi ninokuPhila okungunaPhakade. Futhi YiYo efakaza ngaMi. LemiBhalo eNginicela ukuba niyihlole, iyasho ukuthi Ngingubani."

66 Kodwa abancikanga kulokho okwashiwo yiZwi, kodwa bancika kulokho ukuqonda kwabo okwakuyikho. Bancika kokwabo ukuqonda. NomBhalo usitshela ukuthi babembozwe ngeveli. Iveli lesayense yezenkolo engeyabo yayibaphuphuthekisile.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, uqondephi na?"

67 Ngifinyelela kulokhu nje. Leyonto iyenzeka futhi, kuze kuthi, abesilisa nabesifazane nabantu bayoncika ebandleni elithize abalijoyinile futhi baba kulo, akunandaba ukuthi iZwi likaNkulunkulu lithini ngakho. Baqonda phambili ngqo nalokho, bencika kokwabo ukuqonda, futhi beshaya indiva iZwi likaNkulunkulu, kube sengathi Lalinga (zange) ngisho lilotshwe. Kuyimbewu engamilanga yokuphila komuntu. Inokuphila komzimba, kodwa akukho kuphila komoya kukho ukuba kuphiliswe. Iveli laliphezu kobuso babo.

68 Manje qaphelani, babenemicabango engeyabo yokuthi uNkulunkulu ufanele abe njani, babenemibono engeyabo yokuthi uMesiya ufanele abe njani. Kodwa iZwi lasho ukuthi uMesiya ufanele abe njani! Manje, niyabo, babenokuqonda okungokwabo kokuthi Wayezoba njani. Akungabazeki kepha lokho okwakushiwo ngumpristi, "Bonke abapristi bami phansi kwami, manje nxa uMesiya efika . . . Sakhe ithempeli elikhulu lapha. Senze konke lokhu. NeBhayibheli lathi, 'Uyofika masinya ethempelini laKhe,' nazo zonke lezizinto. Uma Ekwenza, uMesiya uyonyukela lapha ngqo bese Ezazisa kithi, futhi athi, 'NginguMesiya. Sengifikile. NgiyilowoMesiya ekade nimbhekile.'" Awu, ngenkathi Efika, Ufika ngendlela ehluke kabi kulokho ababecabanga ukuthi kwakuyikho, abaMqondanga. Abazanga ukuthi WayenguBani. Kodwa okwaKhe . . .

69 O, ukuba-ke umzenzisi othize wayenyukele lapho wayesethi, "NginguMesiya. NginguDokotela u*S'bani-bani*"? Babeyokwemukela.

70 Kodwa uma niza kuMuntu owazalwa ngokuzalwa okwenziwe-mnyama emva kwaKhe, engenamfundo yakunoma yisiphi isikole Ake aya kuso, ukufunda, kungekho kholiji Ayenalo, kungekho khadi lenhlanganyelo; kodwa Wayengukuhumusha kweZwi likaNkulunkulu, libonakalisiwe. "Imisebenzi, engiyenzayo Mina, iyanitshela ukuthi NginguBani. Uma Ngingenzi imisebenzi eyethenjiswa ukuthi Ngiyoyenza, khona-ke ningaNgikholwa."

71 Futhi besingekusebenzisele yini lokho kulolusuku na? Lapho uMoya oNgcwele efika, ukuthi bafuna ukukusebenzisela komunye unyaka, uma Efika ekwenzeni nasekubonakalisweni kwamandla aKhe okuPhila okuPhakade, abantu bafuna ukukubiza ngo—ngo "buhlanya basendle." Ngani? Bancika kokwabo ukuqonda, futhi hhayi eZwini leNkosi. Niyazi ukuthi lokho kuqinisile.

72 Inkomba, ukuthi uNkulunkulu, ukuhumusha kwakhe uQobo kungukubonakaliswa kwesithembiso.

73 Mhlawumbe ngizokusho, ngikwenze kube sobala kakhudlwana. Uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, Akadingi nayisiphi isilisa kumbe noma yisiphi isifazane, noma namunye omunye, ukuba asho ukuthi Lokho kuchaza ukuthini. Ngenkathi Ethi . . . Awu, wena uthi, "UNkulunkulu wayechaza lokhu." UNkulunkulu uchaza nje lokho Athi Uyakuchaza. Niyabo?

74 Manje Ulihumusha kanjani iZwi laKhe uQobo na? NgokuLigcwalisa. IBhayibheli lathi, "Intombi iyokhulelwa," yakhulelwa. Lokho akudingi kuhunyushwa. UNkulunkulu wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona. Lokho akudingi nayikuphi ukuhunyushwa.

75 UNkulunkulu washo, futhi, ukuthi ngalezizinsuku zokugcina, "Wayezothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama," futhi Ukwenzile. Lokho akudingi nayikuphi ukuhunyushwa. Lokho kuphela kudinga ukwemukelwa, umuntu ukuba emukele okwenziwe nguNkulunkulu. Akudingi nayikuphi ukuhunyushwa. UNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe uQobo. UNkulunkulu wethembisa izinto esizibonayo, usuku nosuku, ukuthi Wayeyokwenza ngosuku lokugcina.

76 Abantu namhlanje, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, bancika kokwabo ukuqonda. "Umelusi wami uthi lokho ngu 'buhlanya.'" Kodwa iBhayibheli lathi kwakuyokwenzeka. Ukuqonda kukabani ozoncika phezu kwakho na?

77 IBhayibheli lethembisa ngezinsuku zokugcina, ukuthi, "UNyaka weBandla laseLawodikeya uyothola ukuceba kakhulu, futhi uthole ukungena ekwenel- . . . noma ekweneleni kwabo, 'Ngicebile. Kangisweli lutho. Ngihlezi

ngiyinkosikazi.'" Futhi ucebile. Futhi Wathi, "Kawazi ukuthi ungowokuhawukelwa." Manje lowo yiwo wonke unyaka webandla, ibandla! "Kulo ibandla laseLawodikeya, uhambaze, uphuphuthekile, umpofu, ungowokuhawukelwa, futhi kawukwazi." Lihlezi ezingcebweni zalo, izinkulungwane eziyishumi ziphindwe kazinkulungwane eziyishumi, nezinkulungwane zamalunga, umcebo wezwe esandleni salo, cishe impela. Liwuhlanganisa ndawonye, kuze kube namhlanje, nebandla eliKatolika namaProtestane, ndawonye, njengoba ehambisana ndawonye, anomcebo wezwe.

78 Siyachithiza kulesisizwe, sekucishe nje. Seboleka intela eyokhokhwa eminyakeni engamashumi amane kusukela manje, bayangitshela, basho kanjalo kwi *Life Line*. Izintela, siyazisebenzisa manje, ziyokhokhwa eminyakeni engamashumi amane kusukela manje. Indodana yami encane engumzukulu, uma uJesu elibala, izintela eyozithela uma isineminyaka engamashumi amane ubudala, sesisebenzela kuyo manje. Sithumela osizweni lwamazwe aphesheya, namaNdiya akithi uqobo nezinto ebulawa yindlala; sizama ukuthenga ubudlelwane. Awubuthengi ubudlelwane. Awumthengi umngane. Qhabo, kodwa yilokho esikwenzayo. Yileyondlela thina, esihlela ngayo, sithelisa intela abantu kuyo yonke into abafinyelela kuyo, intela, intela, intela. Futhi asizukuphuma esikweletini sempi iminyaka e—engamakhulu namanje, ngiyacabanga, ukuthi sijikijelwe kuyo ngosombusazwe. Futhi manje asifanele sibe ngaleyondlela. Akukho sizathu sokuba sibe ngaleyondlela.

79 Kodwa amabandla, uqobo lwawo, selibe ngelicebile. "Liseduzane impela komcebo womhlaba," kusho iBhayibheli, "usebandleni eliKatolika." Yingakho iRashiya ilixosha, kungakho iRashiya ilixosha ebandleni. Lokho kwakuyiwo impela umshoshaphansi wobukhomanisi, ngoba ibandla lafundisa ukuba yinto ethize, eyayingasekho kuwo wonke umhlaba.

80 Ngenkathi sasiphezulu lapho eFinland, lowomfana omncane wavuswa kwabafileyo. Nakho kwakumi lawomasosha aseRashiya eshaye indesheni, futhi athi, "Sizomemukela uNkulunkulu ongavusa abafileyo."

81 Senze amahlelo, nezikole ne—nezakhiwo, futhi sehluleka ukwenza lokho uJesu asitshela ukuthi asikwenze, kwakunguku "Shumayela iVangeli." Sizame ukufundisa umhlaba. Akazange athi, "Nifundise umhlaba; ofundile uyakusindiswa." Ufanele uzalwe ngokusha, ugcwaliswe ngoMoya. Yingalesosizathu sehluleke kalusizi kangaka, ndawo zonke. Niyabo, sinomcebo, sinento.

82 Manje kuzokwenzekani na? Futhi uma lelibandla, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, lihamba ndawonye,

aniboni ukuthi ubani ozokwenza ukuhola na? Anikuqondi lokho nina maMethodisti namaPresbyterian, nonke, ngisho nakumaPhentekoste na? Nithi aningeni. Kuphakathi kokuthi niyangena noma niyoqhumisa ihlelo. Niyokwenza okukodwa noma okunye. Kuphambi kwenu ngqo, nifanele nikwenze. Kungukuphoqa, uphawu lwesilo. Futhi kuyilokho-ke, impela. Ubuhlelo ngokoqobo (ngingakufakazisa ngeBhayibheli) buwuphawu lwesilo. "Laliyisifebekazi; lalinamadodakazi ayizifebe." Futhi siyazi ukuthi lokho kuyiQiniso. Inkolo ehleliwe, iphambene neZwi, futhi ingumphikikristu emigomweni yayo. Akusiyo yonke into lapho engumphikikristu; kodwa emigomweni yayo, yinqubo yayo engumphikikristu, ngoba iphambene neZwi likaNkulunkulu. Yonke inqubo ehleliwe iyileyondlela.

83 Nakho lapho okhona, niyabo, futhi uncika kokomuny'umuntu phansi-. . . ukuqonda kwabo, esikhundleni sokuncika ekuqondeni kukaNkulunkulu, ngalokho uNkulunkulu akusho ngakho. Yingalesosizathu kuyiphutha. Abafana baphambukela emakholiji onemfundo enhle, baphambukele kulezizikole zamaBhayibheli, ezibizwa kanjalo. Futhi mhlawumbe bano—nobizo lukaNkulunkulu enhliziyweni yabo. Futhi baphumela lapho futhi bafunzwe kakhulu ngomqondo owodwa, ukuthi, "*US'bani-bani* wakusho, umBhishobhi *S'bani-bani*. *Lona* wakusho. *Lowo* wakusho. Umkhandlu wamadoda wavuma, *yile*ndlela okufanele kube ngayo."

84 Angikhathali ukuthi noma ubani uthini! UJesu wathi, "Makuthi wonke amazwi omuntu abe ngamanga, futhi awaMi abe yiQiniso. Akunandaba ukuthi angakabani, awaMi abe yiQiniso!"

85 Manje sazi kanjani ukuthi yikuphi okuyiQiniso na? Uma iBhayibheli limemezela ukuthi into ethize izokwenzeka, leyonto izokwenzeka, futhi yenzeka ngaleyondlela.

86 Manje, iBhayibheli lathi, "Kuye kwakungu—ngumcebo wezwe; igolide, isiliva."

87 Manje uma sisesilinganisweni segolide, futhi sephuliwe, manje kuzokwenzekani na? Kuzokwenzekani na? Niyazi, abantu abayizicebi balesisizwe, lezizimboni ezinkulu, nabantu bewiski nabantu bogwayi, nokunye kanjalo, akazukuma ukushintsha imali, ngakho into kuphela esizofanele siyenze ngukuyiboleka. Futhi yinye kuphela indawo esingayeboleka kuyo. Futhi uma sikwenza, sidayisa ngobuzibulo bethu buphumele kuyo. Kunjalo. Manje-ke nizokwenzenjani na? Niphethwe yiyo, leyonqubo. Akukho okunye, eningakwenza.

88 O, bantu, ningacabangi ukuthi ngi . . . Ningacabanga ukuthi ngiyahlanya. Kodwa uma iphimbo lami selithule ekufeni, lamateyipu ayobe esadlala, futhi niyoqonda ukuthi lokho

engikushilo sekufezekile. Bengiyoba umuntu oyisiphukuphuku kakhulu ukuthatha isinqumo sokuma engisithathile, ukuba ngisho nokuphambana nalento, ngi—bengiyoba—bengiyophambana noNkulunkulu, bengiyophambana nayoyonke into enguNkulunkulu, uma mina (uma benginalo) benginephutha ekucabangeni kwami nokubizwa kwami. Into ibiyophambana noNkulunkulu. Kodwa ngithathe isinqumo sami sokuma ngoba ngikubona lapha eZwini. KuyiZwi likaNkulunkulu. Khona-ke ngiyakubona kuqinisekiswa, kufakaziswa ukuthi kuyiQiniso. Lokho ngukuhumusha uNkulunkulu akunikezayo kweZwi laKhe. Ukuhumusha kukaNkulunkulu uQobo kweZwi laKhe ngukuthi ULiqinisekisa kanjani futhi aLenze iqiniso.

89 Kungani lababaFarisi babephuphuthekile na? Yini eyabenza baphuphutheka kangaka na? Ngoba babengeke basemukele isambulo noma ukuqinisekiswa kweZwi.

90 Futhi yingalesosizathu namhlanje ukuthi amabandla aphuphuthekile, yingoba angeke asemukele isambulo esiqinisekiswayo. Uma iZwi lisho njalo, futhi lembulwa, futhi-ke kufakazisiwe, basalokhu bengeke baLemukele.

91 Yingaleso sizathu lamaJuda, amaJuda kuze kube ilolusuku, angeke. Ungeke wakhuluma kuwo ngoKristu, ngoba iveli isalokhu iphezu kobuso bawo, aphuphuthekile.

92 Futhi ibandla, ungeke wakhuluma kuwo ngeVangeli eligcwele namandla kaNkulunkulu, ngoba unkulunkulu walelizwe uwaphuphuthekisile emaqinisweni kaNkulunkulu, futhi ancike kokwawo ukuqonda. Uma abesifazane beza ebandleni futhi baphungule izinwele zabo, ngoba abelusi babo uyabatshela, "O, lokho kulungile. Leyondoda iyahlanya." Kodwa iBhayibheli lathi wenze okuyiphutha uma ekwenza, uNkulunkulu wenqaba ukuphendula umkhuleko wakhe. Futhi abanye balabo besifazane benza elinye ihlazo, futhi bazame ukuba ngumshumayeli, khona-ke usenze into eyidabuli. IBhayibheli lathi akafanele enze lokho, nakunye kwakho. Kodwa inhlangano yebandla iyokwemukela, futhi imgcobe futhi imthumele ngaphandle. Bencika kokwabo ukuqonda!

93 IZwi elolidwa likaNkulunkulu libekwe endaweni engesiyo, noma lahlanekezelwa, noma Alemukelwa, kugqabula lonke iKetango. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

94 Kungani, abesifazane, niyangizwa ngishumayela ngokumelana nalezizinto, zokugqoka izikhindi, nopende, no—nokulungiswa kwezinwele kwalezi lapha izinwele eziphunguliwe, nazo zonke leyonhlobo yezinto, bese kuthi-ke minyaka yonke uma sengibuya nisalokhu nihlezi esimweni esifanayo na? Yingoba nencika kokwenu ukuqonda esikhundleni seZwi leNkosi.

95 Futhi, belusi, anilihlanzi ngani ibandla lenu na? Ngoba niya esivumwenikholo senu sehlelo esikhundleni seZwi leNkosi. Kunjalo. Ungenciki kokwakho ukuqonda. Awu, ungenciki kokwakho ukuqonda, kodwa phezu kweZwi leNkosi.

96 Babengakwemukeli, ngoba babengeke bakwemukele ukuqinisekiswa. UJesu ufika ne—neVangeli, ngayo impela nje indlela Athi Uyoza ngayo. Ngisho izikhathi eziningi . . .

97 UJohane wayethe ukudideka kancanyana ngenkathi ephoswa etilongweni, futhi we—wehlela lapho . . . Futhi wayeshumayele ukuthi kwa "Kungena uMesiya, Ombenge yakhe yayisesandleni saKhe; Wayezohlanzisisa iphansi laKhe, bese eshisa amakhoba ngomlilo ongacimekiyo, bese ebuthela ukolo enqolobaneni." UMoya kaNkulunkulu uqhamuka, ukhukhula uphuma kuye njengo—njengomthombo. Kwase kuthi-ke ngenkathi esebone uJesu efika enkundleni, oluncane, olumnene, oluthobile uhlobo loMfo ephushwa eyiswa le na le, egijima lapha, ngenxa yokuphila kwaKhe, nalaphaya. Ngani, abazange . . .

98 UJohane wayengakuqondi, ngakho wathumela abanye babafundi bakhe ukuba bayothola kuJesu ukuthi ngabe WayenguYe ngempela yini. Ukuhlazeka okungaka pho kuJesu! Emva kokuba lowomprofethi emi lapho emanzini, neZwi likaNkulunkulu, wathi, "NgaMazi, ngoba ngibone u—uMoya oNgcwele, njengejuba, uNkulunkulu ehla evela eZulwini njengejuba futhi eyongena kuYe, futhi ngizwe iPhimbo livela eZulwini, lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo,'" kwase kuthi-ke uJohane uthi, "Hambani, niMbuze ukuthi ngabe WayenguYe ngempela yini, noma—noma—noma, 'Sibheke omunye na?'"

99 Manje uJesu akazange amthumelele ibhuku lokuthi ufanele aziphathe kanjani etilongweni, noma ukuthi yiliphi ibandla ayefanele ngabe ulijoyinile. Kodwa Wathi, "Ake nithi ukuhlala ngapha isikhashanyana bese niqaphela ukuthi kwenzekani, bese-ke nihamba nimkhombise uJohane izinto enizibonile futhi zenziwa," ngenxa yokuthi imisebenzi yaKhe Ayenza yaMqinisekisa ukuthi unguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu. "Ubusisiwe ongakhubeki ngaMi."

100 Baningi kakhulu abangabakhubekile. Abantu abaningi kakhulu bakhubeka kalula kabi eZwini likaNkulunkulu. Ku—kuphambene, bafuna ukuncika kokwabo ukuqonda. Abafuni ukuthatha iZwi leNkosi. Futhi bafanele bahambe nje ngendlela a—abafundiswe ukuba bahambe ngayo. Nendlela abafundiswa ngayo, ibandla labo lencika phezu kwakho. Akunandaba uma uNkulunkulu ethembise ukuthi Wayezo—Wayezonisa imvula, abe nemvula ekuseni, nebandla lathi "ngumbhedo lowo," bayokholwa yibandla esikhundleni sikaNkulunkulu. Ngoba ngani na? Bazalwa yibandla.

101 Kodwa umuntu ozelwe nguNkulunkulu, ungoweMbewu kaNkulunkulu. Nembewu kaNkulunkulu iyiZwi likaNkulunkulu, futhi uphila kuphela ngaLelo. Lokho ngukuPhila kwakhe.

102 Manje, bencika kokwabo ukuqonda, kodwa babengafuni ukuncika eZwini likaNkulunkulu. Babazi kangcono. KwakusemBhalweni. Bakubiza ngo "moya omubi," lowoMuntu. Isizathu ngani na? Umpristi wabo wathi, "Noma ubani ohamba ayozwa loMuntu eshumayela, bayokhishwa esinagogeni."

103 Ngenkathi umuntu ephiliswa owake waba yimpumputhe, nguJesu. Ngisho nabazali bakhe, bejabule kakhulu ngokuphiliswa, kodwa babesaba ukuvuma ukuthi kwakunguJesu owakwenzayo. Ya.

Wathi—wathi, "Yindodana yakho lena na?"

Wathi, "Yebo."

Wathi, "Ubani oyisindisile na?"

104 Wathi, "A—angazi." Wathi, "Isikhulile, ibuzeni. Yona, iyakwazi ukuzikhulumela."

105 Ngoba, kwakukade kushiwo, ukuthi, "Noma ubani umuntu oncike kokwaKhe, ukuqonda kukaKristu," esikhundleni sokuqonda kwabo, "uyokhishwa ebandleni labo." Manje lokho akufani yini nje ncamashi na? Nginibuza umbuzo oze ocobanayo. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. Kudonse into efanayo. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu wenzani, kuzofanele kuhambisane nokuqonda kwabo, hhayi lokho uNkulunkulu aqinisekisa ukuthi kuyiQiniso. Manje, nalowomuntu wayenempendulo, nokho.

Wathi, "Ubani okuphilisile na?"

Wathi, "Lowo othiwa nguJesu waseNazaretha."

Wathi, "Uyisoni. Asazi lapho Evela khona."

106 Wathi, "Manje lokho kuyinto exakile. Nifanele ukuba ngabaholi balelihora. Futhi nangu uMuntu ovule amehlo ami, okungakaze kwenziwe selokhu kwaqala izwe, kepha nokho nithi anazi lapho Evela khona." O, he!

107 Ngani na? Babencika kokwabo ukuqonda esikhundleni seZwi leNkosi. Ngoba uIsaya wathi, "Izimpumputhe ziyobona, unyonga luyakutshekula njengendluzele, izingwadule ziyakuqhuma injabulo." Kodwa niyabo bencika kokwabo ukuqonda, hhayi eZwini; inqubo okungeyabo ababeyidwebile.

108 Manje qaphelani amabandla anamhlanje enza into efanayo. Abumbe esikhulu isizwe esiphakeme sokuqonda, ezinqubweni zawo zamahlelo. Ukuthi, anokuqonda okuphakeme kanjalo, awafuni muntu ozozimatanisa nawo, kungabibikho-muntu ozoza angene ngaphandle uma bengabaleloqembu.

109 Ungangitsheli; ngakhe eTucson, eArizona. Ngehlela lapho eminyakeni emithathu edlule, ngahlangana nomkhandlu wamabandla, ngase ngithi, "Angizeli khona neze ukuba ngiqale ibandla. Ngizela ukuzohlanganyela nani. Ngizela ukuzonisiza. Ngiyisithunywa senkolo, umvangeli, noma yini engiyenzayo."

Bathi, "Uza lapha ukuqala ibandla na?"

110 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngiza lapha . . . Uma ngifuna ibandla, nginalo eIndiana." Ngathi, "Ngiza lapha ngoba iNkosi ingiholele lapha ngombono. Ngizohlala isikhashana manje, ngaphandle uma Ingiholela ukuba ngisuke, kodwa angizeli khona neze ukuzoqala ibandla. Ngizela ukuzosiza nina bazalwane."

111 Lokho bekuseminyakeni emithathu edlule. Angikaze ngimenywe endaweni eyodwa. Ngani na? Ngoba kwakukhona ukuhlangana ndawonye emva kwalokho ngqo, futhi bathi, uma noma yimuphi umuntu bengifake epulpiti labo, bazomkhipha lowomshumayeli. Niyabo? Ngani na? Bencika kokwabo ukuqonda! Impela, lowo ngobizwa kanjalo-ke, babumba okwabo ukuqonda okuphakeme.

112 Ngaphandle uma ufaka igama lakho ebhukwini labo, uyo . . . ulahlekile. Umfundisi wangitshela lokho. "O," wena uthi, "lowo kwakunguwaka othize." KwakuyiPentecostal.

113 UJack Moore nami sahlala lapho futhi samlalela eDallas, eTexas. Wathi waye, "Zomsusa umuntu ebhukwini."

Ngathi, "Ngani na?"

"Isizathu wahlanganyela nawe."

Ngathi, "Awu, lisuse."

Wathi, "Awu, uselahlekile-ke."

Ngathi, "Ulahlekile?"

"Ngani," wathi, "uma igama lakhe lingekho kulo!"

114 Ngathi, "Usho ukuthi uyigosa lesigodi futhi ukholwa yilokho na?"

Wathi, "Yiqiniso lelo."

115 Ngathi, "Suka efonini, mnumzane. Wena, wena . . . Lowo akusiwo umusa kaNkulunkulu, lokho—lokho, uyabo."

116 "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe saba Mzimba munye, futhi siba amalunga alowoMzimba." Angikhathali ukuthi phawu luni oshaywe lona kuwe, lokho akuhlangene ngalutho nakho. UngumKristu uqobo ngokuZalwa. Futhi yileyondlela kuphela, indlela kuphela ongaba yiyona; hhayi ngokujoyina, hhayi ngezivumokholo, hhayi ukuvusa *lokhu*, noma ukusho *lokhu* ngekhanda, noma yiyiphi enye into, hhayi nangemfundo, isayense yezenkolo. UngumKristu uma uzalwa ngokusha, futhi ungeke uzalwe ngokusha ngaphandle uma wawukhethiwe ukuzalwa ngokusha.

"Ngokuba akukho-muntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke uBaba waMi aNgiphe khona kuyakuza." Amen. "Ngiyakumvusa futhi ngomhla wokuphela."

117 Lezi ezinkulu ezibizwa ngokuthi yizikole zeBhayibheli esinazo, bayosho, bencika phezu kokwabo ukufunda. O, he. Bona, akunandaba ukuthi iZwi lithini, bangakuchaza ngokusobala kakhulu, o, kubona uqobo, bazenze bona uqobo ukuba bakukholwe, nohlobo olungolwabo luyakukholwa, ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlula. Ayikho into okuthiwa ngumprofethi, abaprofethi, abaphostoli. Ayikho into okuthiwa yiziphiwo zokuphilisa, kanjalonjalo. Konke kwaphela emuva ngezinsuku zeBhayibheli." Bangazenza bona ukuba bakukholwe lokho.

118 Niyazi, iBhayibheli lathi, "Ungawakholwa amanga futhi ulahlwe ngawo." Niyabo, lelo yiQiniso impela. Bayabumba, akunandaba ukuthi iZwi likaNkulunkulu lithini, bancika kokwabo ukuqonda. Bona, bencika kukho, bayakukholwa, bacabanga ukuthi kuyiQiniso. Ungalokhu uqhubeka nokukholwa amanga, uphindaphinda uphindaphinda, aze abe yiQiniso kuwe. Kunjalo.

119 Kodwa sazi kanjani ukuthi ngabe kuyiQiniso noma qha na? UNkulunkulu uyakufakazisa ukuthi kuyiQiniso, ngoba kuseZwini laKhe futhi UyaLiqinisekisa. Wenza ukuhumusha okungokwaKhe uQobo kwaLo.

120 Benza kanjani, bafinyelele kulokhu na? Bakwenza ngempucuko yabo, imfundo yabo, kokuqonda kwabo kwesi—isiqu kwesiqu sikadokotela, kanjalonjalo, ukuthi bavela ekholiji elithize futhi bafunda lezizinto.

121 Kodwa bukani, bangane, lalelani. Akukho-ndawo eBhayibhelini lapho esicelwa khona ukuba siqonde. Asicelwa ukuba siLiqonde. Sicelwa ukuba siLikholwe. SiLikholwe ngani na? Ngokukholwa. Uma uLiqonda, khona-ke lokho kwenza ukukholwa kuchithwe. Ungeke waLiqonda, kodwa uyaLikholwa noma kanjani. Uma bengingaqonda uNkulunkulu, bengingeke ngidingeke ukuthi ngimkholwe uNkulunkulu. Angimqondi uNkulunkulu. Akukho-muntu oqonda uNkulunkulu. Ngeke ngaliqonda iZwi likaNkulunkulu, kodwa ngiyaLemukela. NgiyaLikholwa. Angicelwa ukuba ngiLiqonde.

122 Angi, yanga kholiji nakho konke lokhu ukuqonda okukhulu kokwazi komuntu ngaLokho. Ngiyazi nje ukuthi iBhayibheli liyakusho Lokho, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," futhi ngibheka Yena ngalowomkhakha ofanayo. Ngiyazi Wethembisa Ayokwenza ngalolusuku, ngibheke Yena ukuba akwenze futhi Uyakwenza. Kunjalo. Wethembisa umusa, ngibheke wona futhi ngawemukela. Wethembisa ukuphilisa, ngiyakukholwa futhi ngakuvuma, futhi ngakwemukela.

123 Manje angifuni ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, kodwa ngifuna ukubuza into eyodwa uma nizongibekezelela umzuzu, ukuba ninake abanye balabo abangencikanga kokwabo ukuqonda; abanye abalingiswa beBhayibheli, abambalwa nje, abangencikanga kokwabo ukuqonda, kungakhathaleki ukuthi ukuqonda konyaka wabo kwakuyini.

124 Asithathe, isibonelo nje, uNowa. UNowa wayephila osukwini locwaningo olukhulu lwesayense. Ngezinsuku zikaNowa, mhlawumbe bakha izivivane, abangeke baphinda bazenze futhi. Manje asinalutho lokusenza ngakho, asinalutho lokuphakamisela phezulu lapho amatshekazi. Bebengeke, namuhla. Lezozinsuku, babenohlobo oluthize lwesithaki ababesifaka kudayi bese benza izingubo ezibukeka okwemvelo kuze kube namhlanje. Babenoketshezi lokugqumisa ababekwazi ukwenza isidumbu somuntu ofile some; thina besingeke sasenza esisodwa, namuhla, ukuba besingadingeka. Sine. . . inqwaba yobuciko esibulahlile. Usuku ayephila kulo, onyakeni wesayense ohlakaniphile.

125 UJesu wabhekisela kulo, ukuthi lolohlobo olufanayo lonyaka luyobuya futhi ngaphambi kokuba Abuye, "Ngokuba njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Manje nizokholwa, lokho, anizukukukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uJesu wakusho lokho na? ["Amen."] Niyakholwa ukuthi sesibuyele kulowonyaka na? ["Amen."] Manje lokho kuseNcwadini kaLuka, isahluko 17 nevesi 29.

126 Manje kuLuka 17:30, Wathi, "Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, lapho iNgelosi yeNkosi . . . "

127 Manje, Wayefunda iBhayibheli elifanayo nesilifundayo. Futhi lapho E. . . Buyela emuva bese uthola ukuthi hlobo luni losuku okwakuyilo ngaphambi kwemvula kaNowa. Buyela emuva bese uthola ukuthi hlobo luni losuku okwakuyilo ngaphambi kokuba izwe libhujiswe ngemihla kaLoti. Thola ukuthi kwakunjani, futhi uyabona ukuthi uJesu wayekhuluma ngani.

128 "Ngemihla kaNowa, babedla, bephuza, beganwa, futhi bendiswa; abalwazanga uNowa waze wangena emkhunjini, nozamcolo uyafika, wabakhukhula bonke."

129 Ngemihla kaLoti, ngaphambi nje kokuba izwe li. . . umlilo washisa izwe labeZizwe, abaseSodoma, kwakukhona ongqingili, izimpendukezelo, yonke into ezweni. Okukhulu. . . KwakuyiLos Angeles yesimodeni; akusisona isimodeni kuphela iLos Angeles, kodwa iUnited States; akusikho kuphela eUnited States, kodwa izwe. Impela kwakuyimpendukezelo! Umuntu walahlekelwa ngumthombo wokuphila nokuqonda kwabo kwemvelo kwengqondo ehluzile, kuba ngokuphendukezelwe ngumoya omubi owashintsha wonke umzila wempilo yabo yemvelo, futhi babekhwelwe yimimoya yamademoni. Uma leso

kungesiso isithombe semihla kaNowa, angiwazi, nasemihleni kaLoti, ngiqonde ukusho njalo. Ngemihla kaNowa, futhi, bedla, bephuza, beganwa, bendiswa, izinkantolo zezahlukaniso zigcwala, nakho konke, njengoba kwakunjalo nje.

130 Kodwa, khumbulani, ngaphambi kokuba izwe libhujiswe, uAbrahama wathunywa ebusweni bomhlaba futhi wanikwa isithembiso sendodana. NoAbrahama wahlangana noNkulunkulu ezigabeni eziningi, njengomfanekiso webandla lihlangane noNkulunkulu. Kodwa ngaphambi nje kwembubhiso nendodana ethenjisiwe ibuye, noma ifike, njalo, indodana yayikade ithenjisiwe, yafika, uNkulunkulu wehla futhi wabonakaliswa enyameni yomuntu, endodeni, amadoda amathathu. Futhi ehlela kuLoti; afika kuqala kuAbrahama, ase ehlala phansi. NoAbrahama igama lakhe lashintshwa lisuka kuAbrama waba nguAbrahama; uSarayi waba nguSara.

131 NaleNdoda, isiKhulumi, uElohim, ngenkathi Ehla ukuba akhulume kuye, Wathini na? Wathi, "Uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

132 Wathi, "Ngizokuvashela ngokwesikhathi sokuphila." Futhi wahleka ethendeni, emva kwaKhe. Wayesethi, "Uhlekeleni uSara na?" Niyabo? Manje Wayezoyithatha impilo kaSara khona lapho, ngokuhleka iZwi laKhe; kodwa Akakwenzanga, ngoba uSara wayeyingxenye ka-Abrahama.

133 Futhi namhlanje, uJesu washo kuLuka isahluko 17 nevesi 30, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo esikhathini sokuphela ngenkathi iNdodana yomuntu . . . "

134 Manje khumbulani, "INdodana yomuntu" ngu *mprofethi*. UJehova wabiza uHezekeli nge "ndodana yomuntu." UJesu ufika ngamagama amathathu: iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, iNdodana kaNkulunkulu. WaZibiza nge "Ndodana yomuntu" ukuze abantu baqonde, ngokuba WayeyilowomProfethi iNkosi uNkulunkulu eyayizomvusa.

135 Manje qaphelani, manje-ke Wethembisani na? INdodana yomuntu iyoZembula futhi ngaphambi nje kwalesosikhathi, ngaphambi komlilo. Naleso kwakuyisibonakaliso sokugcina uAbrahama asibona ngaphambi kokuba indodana ethenjsiwe ifike; futhi wajika waba ngowesilisa omusha, naye waba ngowesifazane omusha. Ngaphambi . . . Manje qaphelani, umBhalo ukusho impela lokho, manje sifanele sibheke lokho.

136 Bese kuthi-ke uma sibona izwe lisekuphendukezeleni nezinto ezikulo namhlanje, uqhubeke ngendlela oyiwo, manje-ke singasho kanjani ukuthi lokho kuqinisile futhi singasho ukuthi lokhu okunye kuqinisile na? Ngoba, omunye umuntu, wencike kokwabo ukuqonda, futhi kungesikho ukuqonda kweNkosana yokuPhila EyayiyilowoMuntu owayelapho esangweni nawo eSodoma. Manje, siyaqaphela, asinciki kokwethu ukuqonda.

137 UNowa akencikanga kokwakhe ukuqonda. Kwakungunyaka omkhulu wesayense, kodwa akencikanga kokwakhe ukuqonda kosuku lwakhe. Kodwa wencika esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi waqhutshwa ngamandla kaNkulunkulu, futhi walungisa umkhumbi ekusindisweni kwendlu yakhe. Kanti, kwakuphambene ngokoqobo engqondweni ehluzile; kwakungekho-manzi phezulu lapho, ayengakaze abe khona. Kodwa wazi, uma uNkulunkulu athi ayezobakhona, ayezobakhona. Ngakho akencikanga kokwakhe ukuqonda, kodwa ngokukholwa waqhutshwa yiZwi lesithembiso sikaNkulunkulu. UMoya wamqhuba, futhi wakwenza.

138 UAbrahama, akencikanga kokwakhe ukuqonda mayelana nokuphila komuntu. Wayeganwe ngumkakhe cishe eseneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala. Nangu wayelapha, eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, futhi yena wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, emncane ngeminyaka eyishumi. Kodwa uAbrahama akencikanga kokwakhe ukuqonda, ngenkathi uNkulunkulu esho ukuthi Wayezomupha indodana ngoSara. Kodwa wabiza noma yini, noma yisiphi isifakaziso sesayense esasiphambene neZwi likaNkulunkulu, noma yikuphi ukufunda ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, sengathi kwakungenjalo. Futhi unika uNkulunkulu udumo, eqinile, eMnika udumo. Akanakanga ngisho ukubuka umzimba wakhe uqobo noma ukufa komzimba kaSara, noma—noma umzimba wakhe. Akanakanga noma yini, kodwa wencika phezu kwesithembiso sikaNkulunkulu. Akencikanga phezu kokwakhe ukuqonda. Akencikanga phezu kwezizindlo.

139 “Ngani,” wena uthi, “Mfowethu Branham, kuyisizathu ukuthi uNkulunkulu angesindise abagulayo, sinodokotela abaningi kakhulu abakahle.”

140 IBhayibheli lathi, “Silahla izizindlo.” Asizindli. Ukukholwa akuzindli. Ukukholwa kuyakholwa futhi kwemukele. Qaphelani.

141 Kodwa wakholwa esikhundleni sokungakholwa; futhi wabiza izinto, ezazingekho, ngokungathi zazikhona, okwakuphambene ngokoqobo nanoma yikuphi ukuzindla. Kodwa akazindlanga. Wavele wakukholwa nje. Kwakungekho zizindlo ayengafakazisa ngazo ukuthi leyongane yayingazalwa. Lowo wesifazane wayesethi akabe neminyaka engamashumi amabili edlule ekunqamukeni ukuya esikhathini, nomzimba wakhe wawusufana nofile. Futhi lapho eseneminyaka eyikhulu ubudala, eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, wayesalokhu enika uNkulunkulu udumo, ephambene nanoma yiluphi uhlobo lokuqonda. Kodwa ngokukholwa, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe. Akencikanga kokwakhe ukuqonda.

142 Ukuba-ke uMose wayekade encike kokwakhe ukuqonda, ngenkathi uNkulunkulu emtshela ukuthi wayezo—zothatha uFaro. . .noma abantwana bakwaIsrayeli abakhiphe esandleni sikaFaro na? Ukuba-ke wayekade encike kokwakhe ukuqonda, ngenkathi elapho ngeNsika yoMlilo, ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Yehla futhi Ngiyakuba nawe"? Ukuba-ke wayekade encike kokwakhe ukuqonda ngenkathi ebaletha oLwandle oluBomvu, futhi lapho babesemanzini, futhi nangu uNkulunkulu wayebathembise izwe elithenjisiwe na? Ukuba-ke wayekade encike kokwakhe ukuqonda, "Ngizowelela kanjani lapho na? Asinaso isikhathi sokwakha ibriji. Nansi impi iza ngqo emva kwethu. Nazi izintaba macala omabili. Nanka amanzi phambi kwethu, uLwandle oluBomvu"?

143 Manje, ukuba wayencike kokwakhe ukuqonda, wayeyophakamisa izandla zakhe futhi agijime, awele ezinyaweni zikaFaro, athi, "Faro, ngithethelele, ngenze iphutha."

144 Kodwa akencikanga kokwakhe ukuqonda. Kodwa wakhuleka, noNkulunkulu wamtshela ukuba aqhubekele phambili, nolwandle lwavuleka, okwakuphambene nazo zonke izizindlo. Kodwa akencikanga kokwakhe ukuqonda.

145 Ukuba-ke uJoshuwa, ngenkathi ewelela lapho namanye amahlelo ayishumi, futhi wawelela lapho futhi walibona lelozwe elithenjisiwe likaNkulunkulu, futhi wayezobuya nawo futhi athi, "Manje ake nilinde umzuzu. Yiqiniso. Sabukeka sifana nezintethe. Bayizidlakela. Singake size sibathathe kanjani na? Asinazo ngisho nezinkemba; lokho nje esikucoshile. Singake size singene kanjani futhi sithathe lelozwe na? Ngani, akunakwenzeka nhlobo. Bayasedlula ngesibalo, amadoda angamashumi amahlanu kweyodwa. Angamabutho aqeqeshiwe, futhi asilutho kodwa nje isigejane sabelusi bezimvu nabahuqa ngodaka abaphuma eGibhithe. Kanjani na? Asinaso ngisho nesihlangu nezinto, siyoke size silithathe kanjani na?"

146 Ngani, ukuqonda ngempela kwakuyofakazisa ukuthi babengenakukwenza. Noma yiliphi ibutho njengoba wayeyilo, noma uMose, wayengeke ancike kokwakhe ukuqonda. Kodwa ukuqonda okungokwabo, abanciki kukho. Kodwa babazi ukuthi uNkulunkulu wathi, "Ngininike lelozwe. Hambani nilithathe!"

147 Ungenciki kokwakho ukuqonda. Uma wencika kokwakho ukuqonda namhlanje uma ugula, mhlawumbe uhlezi esihlalweni esinamasondo, ubulawa wumdlavuza, uphethwe yinhliziyo, nodokotela uthi uzofa, uma wencika kulokho kuqonda, uzofa. Kodwa ungenciki kulokho kuqonda. Impela ungenciki.

148 Kuthiwani-ke ezindongeni zaseJeriko, abathi babengagijimisa umjaho wezinqola uzungeze phezu kwazo, lezozindonga ezinkulukazi na? UNkulunkulu wathi, "Yenyukelani lapho futhi nimashe nilizungeze izikhathi

ezingaka, bese nibetha icilongo nani nonke nikhamuluke, nodonga luzowa phansi." Awu, lokho kwakuyoba wubuthutha uqobo emqondweni wokwenyama. Kodwa uJoshuwa, azi ukuthi zaziwugqinsi kangakanani lezozindonga, ngoba wayakhe inqwaba yezindonga ezansi eGibhithe. Wayewazi usimende owawukuzo, ukuthi zaziqiniswe kangakanani, ukubamba leyomijaho yezinqola phezulu, futhi ngisho nezindlu zakhiwa phezu kwalo. Kodwa akencikanga kokwakhe ukuqonda. Wakholwa ukuthi okwashiwo nguNkulunkulu kwakuyiqiniso, futhi walalela iZwi laKhe, nezindonga zawa phansi. Engancikile ekuqondeni okungokwakhe.

149 Ukuba-ke wayelwa leyompi, futhi, njengoba bengishumayela ngeSonto, futhi-ke ilanga lase liyoshona, isitha sasixoshwa. Ngalobobusuku babeyobuthana ndawonye futhi beze nomunye umbutho, babulale inqwaba yamadoda akhe. Manje ukuba-ke wayethe, "Ngidinga imini. Ngidinga ukuba ngibe nokunye futhi ukukhanya kwelanga. Awu, manje awulinde umzuzu. UNkulunkulu wakubeka ngokuhleleka lokhu, nelanga liyaphenduka kanjalo izwe liyaphenduka. Manje ake sibone, uma ngingasho ukuba ilanga lime . . . Mhlawumbe uma izwe lima manje, khona-ke liyolahlekelwa ngamandla alo okudonsela phansi, ngizowa"?

150 Akakulalelanga ukuqonda kwakhe. Into kuphela ayisho, kwakungukuthi, "Langa, yima; futhi, nyanga, hlala lapho okhona," futhi kwamlalela. Akencikanga kokwakhe ukuqonda. Kodwa wencika esithembisweni sikaNkulunkulu, "Ngilinike nina lelozwe; hambani nilithathe."

151 Uninike isithembiso sikaMoya oNgcwele. NingaMthola kulengqungquthela. NingaMthola manje.

152 Ungenciki ekutheni, "Uyazi, ngikhathele. Ngiyakutshela, ngidla kakhulu ukudla kwakusihlwa. Ngi—ngi—ngingakuzonda ukuba uJohn angibone ngenza lokhu." O, bakithi! Wencike kokwakho ukuqonda.

153 "Isithembiso ngesenu, nesabantwana babantwana benu, kubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

154 "Udokotela uthe ngizofa. Wangihlola, wayesethi benginalomdlavuza, bengina lokhu, kumbe noma ngabe bekuyini. Ngifanele ngife." Ungenciki kulokho kuqonda. UNkulunkulu uyiNkosi uNkulunkulu wenu Ophilisa zonke izifo zenu. Ngakho ungenciki kulokho kuqonda, akukho-kuqonda komuntu. Ncika kokukaNkulunkulu ukuqonda.

155 Kuthiwani ngoSamsoni, le endle, ngenkathi amaFilisti, amadoda ayinkulungwane egijima enyukela kuye na? Futhi wayelapho emi lapho, emncanyanyana, isigqunswana esinekhanda elinezinwele ezisongene, cishe ephakeme *kangako*. Akazange; awu, wayengesiyo indoda yenkemba, ngoba wayengazi; wayengenakuqeqeshwa, ukuqeqeshwa kwezempi.

Wayeyisitabane esidadlana nje esinekhanda elinezinwele ezisongene, efana naso, enamagoda ayisikhombisa alengayo, umfana kamama, emi phandle lapho, futhi nakhu kuza amaFilisti ayinkulungwane. Awu, wayengaphethe lutho esandleni sakhe. Wabheka phansi, futhi wathola elidala, eselaba-mhlophe, ithambo lomhlathi elimhlophe lomnyuzi, wayeselicosha.

156 Manje wathi, "Ake sibone, manje, ngeke ngenze okuningi kangako nga*leli*, ngoba lezozigqoko zokuvikela ekhanda labo si. . . LawomaFilisti, onke lawomabutho, onke anemikhonto. Onke anamabhantshi ensimbi. Nezigqoko zawo zezivikelo zisinda cishe amaphawondi ayishumi nanhlanu sisinye, amadoda amakhulukazi, onke ephumile. Awu, ukuba bengingake ngishaye ngalelithambo lomhlathi elidala elivandlazekile lomnyuzi, phezu kwesinye salezozigqoko zezivikelo, ngani, beliyoqhuma libe yizicucu. Kunjalo"?

157 Akencikanga kokwakhe ukuqonda. Wavele nje wathatha lokho okwakusesandleni sakhe, futhi waqala ukushaya amaFilisti. Futhi emva kokuba eseyishaye wayilahla phansi inkulungwane yawo, wayesalokhu enalo ithambo lomhlathi esandleni sakhe. Amen.

158 Angikhathali ukuthi ithini isayense yomuntu yezenkolo, ungenciki kulokho. Ncika eZwini likaNkulunkulu, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Impela, wakukholwa.

159 Ukuba-ke uDavide wayekade elalele uSams-. . . Isayense yezenkolo kaSawulu na? Nakho kumi uGoliyati ngaphandle lapho enokuqhosha kwakhe okukhulu, nawo wonke umuntu esaba; uSawulu, okhanda namahlombe akhe ephezu kwayo yonke impi. UGoliyati wathi, "Akuphume omunye futhi alwe nami. Asikho isidingo so—sokuba sife sonke. Uma ngikubulala, khona nonke nikhonze thina. Futhi uma ningibulala, ngani, sizokhonza nina," ngoba wayenomphetho ungakuye. Yileyondlela udeveli athanda ukwenza ngayo, uma ekhiphe lonke ikholiji lakhe, nabo bonke, uma eza, niyabo.

160 UDavide omdadlana ehambahamba lapho, embethe isiqephu sesikhumba semvu; ebomvana, emahlombe aqhothile, umfo omncanyanyana cishe amaphawondi ayikhulu, ikhulu neshumi. Wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi izimpi zikaNkulunkulu ophilayo, esokile esivumelwaneni, izoma lapho futhi idedele lowomFilisti ongasokile eyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?"

161 USawulu wathi, "Woza lapha, mfana." Wathi, "Ngiyasihlonipha isibindi sakho, kodwa izinsuku zezimangaliso selwedlule. Asinayo into enjengaleyo, uyabo. Futhi ake ngikutshele okuthize, nhloboni yekhadi lenhlanganyelo ongalikhombisa, uyabo? Awunaso ngisho nesikhali. Awunalutho

kodwa indwayimane esandleni sakho. Uyabo? Awunayo iPh.D. noma iLL.D. Uzokwenza kanjani lokhu na? Ngani, leyondoda iyiqhawe. Ngani, ine—ineD.D., idabuli yoL, Ph.D., LL.Q. Ngani, ineziqu ezininingi kakhulu, ingaplastela ubonda ngazo. Futhi ungubani-ke wena na? Umelusi wezimvu."

162 Wathi, "Kodwa ngifuna ukukutshela okuthize." Wathi, "Uyazi uk'thini?" Wathi, "Ngangeluse izimvu zikababa wami phandle lapho, futhi," wathi, "ingonyama iyangena yase idumela enye yazo, yase iphuma igijima. Futhi uyazi, ngathatha lendwayimane encane ngase ngiyilandela, futhi ngayishaya ngayilahla phansi. Ngathatha i—iwundlu ngalikhipha emlonyeni wayo, futhi yangivukela ngenkathi ngikwenza. Ngavele nje ngathatha umese ngase ngiyibulala." Wathi, "Ngaqhubeka ngabuyela emuva. Futhi nakhu kungena ibhere, emva kwaleyomvu, lase liyidumela lase liphuma ligijima. Ngalibulala, nalo." Wathi, "Manje uNkulunkulu. . .Hhayi iPh.D. yami, hhayi ukuqonda kwami. Ngeke ngakutshela ukuthi ngikwenza kanjani. Angazi ukuthi kwenziwa kanjani. Kodwa uNkulunkulu," amen, "uNkulunkulu owangophula oziphweni lwebhere nengonyama, Uyongephula kakhulu kangakanani ezandleni zalowomFilisti ongasokile!"

163 Umbhishobhi, uSawulu, wathi, "Uyazi, ngikholwa ukuthi unobizo, mfana. Ngizokutshela, uma ubungeza ngapha, ngizokufundisa ukuthi balwa kanjani ababili, uyabo. Futhi ngizokutshela, ngi—ngingudokotela, ngakho hloma ngezikhali zami. Ngifuna ukukugqokisa kuyothi ngqi." UDavide wama lapho, futhi bamnika iPh.D., iLL.D., nakho konke lokho, no—nomfo omncane bandla wayengakwazi ngisho nokunyakaza. Wayengazi ukuthi kanjani.

164 Wathi, "Angikaze ngikulinge lokhu. Lelovesti lobufundisi alingeneli. Khumulani into. Mangihambe nalokho uNkululunkulu angisiza ngakho." Lokho kwakungukukholwa emandleni kaNkulunkulu. Futhi a—akencikanga kokwakhe ukuqonda. Akencikanga kulokho okwakushiwo ngomunye umuntu. Wencika ekukholweni. Ngoba, wayazi ukuthi uma uNkulunkulu wayemsindisile oziphweni lwebhere, Wayezomsindisa kakhulu kangakanani kulowomFilisti!

165 Awu, uma uNkulunkulu akuthanda kahle ngokwenele ukuba akukhuphule uphume esonweni nokukugcwalisa ngoMoya oNgcwele, yin'indaba ngani zintekenteke ndini eningenamgogodla ezweni jikelele, Angenaphule yini ekuhluphekeni kwenu ngenkathi Ethembisa ukuthi Wayeyokwenza na? IZwi likaNkulunkulu lasho njalo. Uyokwenza. Impela, Wamophula esandleni.

166 O, bonke abaprofethi, ukuba-ke babekade bencike kokwabo ukuqonda onyakeni wabo na? Babengeke neze benyukele kulabo bapristi nabapristi abakhulu, futhi bababize "ngezindonga

ezicakwe zamhlophe" nakho konke okunye. Babengeke neze baprofethe okuphikisana nabo. Babeyoba njengabanye babaprofethi besimodeni, beyovuma, bagqoke izingubo ezinhle, futhi babesezindlini zobukhosi zamakhosi.

167 Ukuba-ke uJohane wayezame ukuncika kokwakhe ukuqonda na? Kodwa wahamba waqonda ngqo phezulu.

168 Bathi, "Manje, awulinde umzuzu, Johane, ungashumayeli ngo *Mshado NeSahlukaniso*."

169 Wahamba wenyukela ngqo endaweni kaHerodi, wayesethi, "Uhlezi naye ngokungemthetho." Yebo, mnumzane.

Uthi, "Awu, uyazi ukuthi ubani lowo na? Leyo yi proc- . . . "

"Angikhathali ukuthi ubani." Akencikanga.

170 Wathi, "Manje uyazi awunakho okuningi kakhulu. Usezansi lapha kulelihlane. Inhlangano ngeke ikwemukele, uma uhamba uziphathe kanjalo." Wayengakhathali nganoma yiyiphi inhlangano. Akencikanga kokwakhe ukuqonda, kodwa ekuqondeni kukaNkulunkulu. Impela.

171 Kwakukhona umuntu oyedwa owencika kokwakhe ukuqonda, negama lakhe kwakunguJuda Iskariyothe. O, u . . . A—angiboni ukuthi wayengakwenza kanjani. Wayehambe ubuso nobuso noKristu, njengoba nje kwenza uEva ekuqaleni. Wayekubonile ukuqinisekiswa, wayembukile uNkulunkulu ebusweni, njengoba kwenza uEva ngokuphola kokuhlwa. UEva wabuka uKristu, ngokuphola kokuhlwa, ensimini. NoJuda wayehlale ekupholeni kokuhlwa, ensimini yaseGetsemane nezindawo eziningi, futhi wayebuke uKristu ofanayo; wayeMzwile efundisa, Ezifakazisa yena ngeZwi, waqinisekisa ukuthi ungumProfethi uMose ayekhulume ngaye ukuthi wayezovuswa. Futhi wabatshela emBhalweni ukuthi WayenguBani, nakho konke ngakho. Babekubonile kufakaziswa nguNkulunkulu, ukuthi Wayenguye, wayese-ke encika kokwakhe ukuqonda.

172 U! Wayengakwenza na? Kwakuyingoba wayengenakho neze phansi lapha, endaweni yokuqala. Wayengesiyo imbewu emilayo. Wayeyindodana yokulahlwa, wazalwa ekulahlweni, wabuyela ekulahlweni. Manje siyaqaphela. Kodwa waphuma, futhi mhlawumbe angahle ukuba wayekade enomqondo wokwakhe ukuqonda. Angahle ukuba wacabanga ukuthi uJesu . . . Wayenokuningi kakhulu ukuMhlonipha, "Manje, uyazi, ngingahle ngiMthengise ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Futhi uma ngikwenza, ngizoba nemali, futhi ngingenza okuthize ngalokho. Futhi Uyakwazi ukuZikhulula." Niyabo, wayengazi, emBhalweni, ukuthi wayevukele ukuthatha leyondawo efanayo.

173 Futhi kanjalo nabantu abaqondi namuhla ukuthi simo sini abakuso. Kumiselwe lelibandla laseLawodikeya ukuthi

libe kulesisimo, libeka uKristu ngaphandle. Futhi Yena engqongqotha, ezama ukubuyela angene. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.] Akukho-bambiswano ndawo, nokho. Eqinisekisa iZwi laKhe osukwini manje, njengoba Enza ngezinsuku zonke, futhi bavele basuke ngqo kukho. Bencika kokwabo ukuqonda, yilokho—yilokho kuphela okukhona kukho.

174 Noma, mhlawumbe, ake sithi lokhu a—akucabanga. Mhlawumbe uma amthengisa uKristu ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, ngani, ukuthi wayezoba ne—nenhlanganyelo namanye amahlelo amakhulu angalolosuku, abaFarisi nabaSadusi. Wayengathi, "Manje awulinde, Angazinakekela Yena. NgiMbonile ezimpini ezinkulu; ngi—ngiyazi ukuthi—ukuthi Angazinakekela Yena. Ngakho ngingahle ngenze imali, kuthi nje ukuba ngu—ngukuthatha impesheni encane, njengoba kwakunjalo. Bese kuthi-ke, futhi, ngingahle ngibe nokuma okukhulu nalamabandla namhlanje, uma bengingaMkhaphela kubo." Niyabo? Kodwa wencika kokwakhe ukuqonda, esikhundleni sokuqonda ukuthi lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe, futhi wenza kuJesu khona nje imiBhalo eyathi wayeyokwenza.

175 Futhi, namhlanje, ibandla lomhlaba likhiphe uKristu ngalolu izinsuku zokugcina, ngokufanayo impela nje njengoba iNcwadi yeSambulo yathi babeyokwenza. Ngumoya kaJuda futhi, esimweni sebandla, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha iZwi beliphika." Niyabo? Kunjalo. Manje, o, he, kwabamphumela muni na? Ukufa, njengoba nje kwenza kuEva. Futhi kuyenza kubo bonke abanye ozama ukuphendukezela iZwi likaNkulunkulu futhi bencike kokwabo ukuqonda. Ngisho namanje bayathengisa, hhayi ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, kodwa mhlawumbe babe, o, esinye isikhulu esikhulu, esinye isehlakalo sasekholiji. Kungeke kwabiza ngisho izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, kodwa bayakuthengisa noma kanjani; bathengisa ngokuqonda kwabo uNkulunkulu, bakukhiphe, ngento enjengaleyo.

176 Kwehluke kangakanani kuPawulu oNgcwele oyisifundiswa esikhulu, owayenakho konke ukwazi ayengaqhosha ngakho. Kodwa wathi, "Ngijike yonke into, yezizindlo zami, phansi. Ngahlangana neNsika yoMlilo ngoluny'usuku, ngisendleleni ebheke ezansi eDamaseku." Wayesethi, "Angifiki neze kini ngobungcweti bokukhuluma, ngoba, uma ngakwenza, beniyothembela ekuhlakanipheni komuntu. Kodwa ngifika kini ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, ukuthi niyo—niyoncika phezu kweZwi likaNkulunkulu." Amen. Wathi, "Uma iNgelosi evela eZulwini ifika, ishumayela noma yiyiphi enye into, mayibe ngeqalekisiweyo," kwabaseGalathiya 1:8. Kunjalo. Qhabo, mnumzane. Akazange.

177 Owesifazane omncane emthonjeni, wayenesimilo esibi. Kodwa wayazi ukuthi amabandla ayemxoshile esontweni. Futhi, kodwa akazange encike phezu kokwakhe ukuqonda. Ngenkathi ehlangana naLona emthonjeni, Owamtshela zonke izono ayezenzile, wagijimela emzini. Manje kwakungalungile kowesifazane ukuba enze lokho, ukuba angene futhi asho noma yini, ngoba wayeyisifebe. Kodwa lapho esehlangane noJesu, akencikanga neze ekuqondeni kwabantu, ngalezozinsuku. Uyafika, wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe yini uMesiya impela lona na?" Akencikanga neze phezu kokwakhe ukuqonda. Qhabo.

178 Intombi uMariya, ngenkathi iNgelosi uGabriyeli ihlangana naye futhi yamtshela ukuthi wayezoba nengane, ngaphandle kokwazi indoda. Whewu! Kwakungakaze. Akencikanga neze phezu kokwakhe ukuqonda, ukuthi owesifazane wayengeke abe nengane enganayo i—indoda. Akencikanga phezu kwalokho. Kodwa wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi, makube kimi njengokweZwi laKho." Akashongo ukuthi, "Ngizokwenza kanjani na? Futhi ngizokwenza nini na? Futhi konke lokhu kuzokwenzeka kanjani na?"

179 INgelosi yathi, "UMoya oNgcwele uzakukusibekela; naleyoNto eNgcwele ezozalwa nguwe izakuthiwa yiNdodana kaNkulunkulu."

180 Wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi." Akakuthathanga ukuzindla kwakhe, athi kwakungenakwenzeka. Wavele wathi nje, "Bheka incekukazi yeNkosi." Kunjalo. Qaphelani.

181 O—owesifazane owayenomopho, udokotela wamtshela, wathi, "Akukho mathemba." Wayechithe konke okokuziphilisa kwakhe, ngezinyanga, futhi akukho nayinye yazo eyayingamsiza. Futhi akencikanga phezu kwalokho. Ngenkathi uJesu . . . Wadabula esixukwini, wayesethi, "Ngikholwa ukuthi uma ngingathinta izingubo zalowoMuntu, ngizosinda." Uyawela.

182 "Manje awulinde, udokotela wathi, 'Ungesinde.'" Wayesebe nalomopho iminyaka ngeminyaka. Wayeya ngokuba buthakathaka ngasosonke isikhathi, futhi kuba kubi kakhulu. Odokotela base bemdelile. Yilokho kuqonda kuphela ababenakho.

183 Kodwa wathi, ngokukholwa! Akukho-mBhalo omtshela ukuba enze lokho. Kodwa wathi, "Uma bengingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda," futhi wajika wathi nyelele wayeseMthinta. Wabuyela emuva, uhlala phansi.

184 UJesu waphenduka wayesethi, "Ubani oNgithintileyo na?" Waqalaza Waze wamthola. Wamtshela ngomopho wakhe.

185 Wase eyezwa ngalowomzuzwana, emzimbeni wakhe uqobo. Akakwazanga ukukufakazisa ngaleyonkathi, kodwa wezwa emzimbeni wakhe uqobo ukuthi umopho wakhe wanqamuka.

Akazange azindle, "Uma udokotela wayemenqabile, yayingamsiza kanjani noma yini enye into na?" Akazange aye ukuyozindla, kodwa waya ekukholweni.

186 Manje iBhayibheli lasho, "Ukuthi UngumPristi oMkhulu, namhlanje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Ungayi ekuzindleni, uthi, "O, lokho yi . . . "

Wathi, "Namhlanje Uyilokho. Unguye khona manje umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Onguyena izolo, namuhla, naphakade!"

187 Nicabangani ngenkathi ngangiphandle lapho njengomshumayeli wamaBaptisti, naleyo Ngelosi yeNkosi yahlangana nami phandle lapho yanginika umsebenzi wokuthunywa ukuba ngihambe ngenze lokhu engikwenzayo na? Ngani, umelusi wami wathi, "Usuyahlanya. Ngani, ubenephupho elesabisayo, wena."

Ngathi, "Kungcono uthathe ikhadi lami lenhlanganyelo khona manje."

188 Manje, wathi, "Ungakwenza kanjani wena, ungenayo ngisho nemfundo yasesikoleni yokufundwa nokubhalwa kolimi, ushumayele umhlaba jikelele na? Ungake uze uwakhulekele kanjani amakhosi nababusi, futhi a—a—awukwazi ngisho nokusebenzisa kahle ukufundwa nokubhalwa kolimi?"

189 Ngangingathembele ekufundweni nasekubhalweni kolimi kwami. Ngangingathembele kunoma yiliphi ikhono enganginalo. Nganikwa umsebenzi wokuthunywa. Haleluya! Futhi angiyanga ekuzindleni. Futhi ukuba ngangilalele emizindlweni, kwakuyoba khona cishe izinkulungwane zabantu ezaziyofa, eminyakeni eyedlule. Kodwa ngathwala uMlayezo impela njengoba Asho, ngijikeleza ngijikeleza umhlaba.

190 Futhi ngiyahamba futhi, ngomusa kaNkulunkulu; hhayi ngemizindlo, kodwa ngomsebenzi wokuthunywa. Haleluya. Angencikanga . . . Wena uthi, "Uneminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu ubudala." Ukuba ngangineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, lokho akuthi shu. UsenguNkulunkulu ofanayo Ayenguye noAbrahama. Yebo, mnumzane. Ungenciki kokwakho ukuqonda okuningi.

191 Futhi emva kokuphuma kwesibonakaliso, nePhimbo lilandela, namabandla aqala ukungenqaba futhi avala iminyango yawo, phezu kweMfundiso, ukuthi noma yiliphi lawo alinasibindi sokuma phambi kwami ukuthi lithi Ilungile noma ayilungile. Ngiphosela inselelo noma yiliphi lawo. Ehhe. Kungesikho ukuhlakanipha, kodwa ngiyazi ukuthi ngikuphi. Kunjalo. Benzani na? Benzani na? Bavala yonke iminyango. "Manje uzokwenzenjani na?"

192 Ngolunye usuku, phezulu entabeni, ngangimi lapho. Ngathi, "Nkosi, nginomnyango owodwa ovuliwe esizweni sonke, ngokwazi kwami, lowo yiPhoenix, eArizona. Okuyiwona kuphela enginawo." Futhi ngaqala ukwehla intaba. Ngokucace nje bha njengoba ngake ngezwa noma ubani ekhuluma, wathi, "Lokho kuyini kuwe na? Wena landela Mina." Manje-ke, hhayi phezu kokwami ukuqonda. Ngizoncika phezu kwesithembiso saKhe.

193 O, mngane, ungenciki phezu kwemizindlo. Bese umemeza kakhulu, noEddie Perronet wasendulo:

Bayede mandla eGama likaJesu!
Makuthi iziNgelosi ziwe zilale phansi;
Zimthwese umqhele wobukhosi,
Futhi ziYithwese umqhele iNkosi yakho konke;
ZiYithwese umqhele iNkosi yakho konke.

194 Kunjalo. Ningenciki phezu kwalokho enikucabangayo, okucatshangwa ngomunye umuntu. Ngokukholwa yemukelani isithembiso sikaNkulunkulu. Nizokwenza na? Manje akuyi ngokuthi kwenziwa ngomunye umuntu, noma ngabe abakwenzanga, kodwa uthini ngawe na? Uzomenzenjani loJesu othiwa uKristu, Ozazisayo kulolusuku, ngokufanayo njengoba Enza ngalolosuku na? NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhuleke.

195 Nkosi Jesu, Nkosi yamakhosi, Mbusi wababusi, Nkulunkulu wonkulunkulu, Nkulunkulu wababusi bonke; isiQalo, isiGcino; uAlfa, Omega; owokuQala nowokuGcina; iNkanyezi yokuSa neKhanyayo, iNtebe yaseSharoni, Mnduze wesiGodi, Mpande neNzalo kaDavide; woza, Nkosi Nkulunkulu, onguye izolo, namuhla, naphakade!

196 Busisa lesisixuku sabantu, Nkosi. Lokhu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] nje kulungiselelwa ukuqala kusasa. Sibe nomhlangano omncane lapha, futhi Usibusisile kuwo. Uzazisile Wena uqobo kithi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoqhubeka ukuba uzazise Wena kithi. Sibusise kulobubusuku. Sisize manje. Singabantu abadingayo.

197 Futhi, Nkosi, Wena uyazi angithandi ukuthethisa abantu, kodwa ngingakuthulisa kanjani lokho kuvutha okungcwele na? Angithandi ukwenza lokho, Nkosi. Uyayazi impilo yami, inhliziyo yami. Ngifanele ngikwenze. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzongisiza ukuba ngikwenze. Ngiphe umusa nje, futhi ungangivumeli neze ngencike kokwami ukuqonda, kodwa mangincike phezu kwesithembiso saKho. EGameni likaJesu. Amen.

198 Ngifuna nina, nonke, ukuba nihloniphe ngempela imizuzu embalwa nje. Kulesisixuku sabantu, kukhona abesilisa nabesifazane abahlezi lapha, akungabazeki, abagulayo.

Bangaki ogulayo nohluphekileyo phakathi lapha, phakamisani izandla zenu, nithi nje, “Nginokumdinga uNkulunkulu”? Phakamisa isandla sakho nje khona manje, “Nginokumdinga uNkulunkulu.”

199 Manje, angazi-bantu abaningi kakhulu. Ngazi lababafana abathathu abahlezi khona lapha. Ngazi uMnu. Dauch nomkakhe abahlezi lapho. Ngicabanga ukuthi, lona nguDadewethu Moore. Anginasiqiniseko. Ngabe kunjalo, Dadewethu Moore na? Ngaphandle kwalokho, ngiqagele lokho kuyakwenza, ngoMfowethu Mike nomsamo. Lokho kukangako, ngokubona kwami, engibaziyo.

200 Kodwa uBaba waseZulwini Owethembisa, nakulolusuku ukuthi Wayeyoziqinisekisa Yena kulonyaka, ngayo impela nje indlela Enza ngayo eSodoma. Ngabe Wakwethembisa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Azibonakalise Yena! Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”]

201 Manje uma nizokhuleka, futhi ngokukholwa! Manje ningazami ukuzindla, “NgingaMthinta kanjani njengomPristi oMkhulu na?”

202 Manje, iBhayibheli lathi, iTestamente eLisha, “UngumPristi oMkhulu khona manje. Uqhubeka engumPristi oMkhulu ngokukaMelkisedeki. UngumPristi oMkhulu kuze kube phakade. Akekho omunye umPristi oMkhulu kepha nguYe. Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, kepha uMuntu uKristu.” Kunjalo. NguYe kuphela, futhi nguYe izolo, namuhla, naphakade.

203 Manje uma Ehlala eyilowo mPristi oMkhulu ofanayo, neBhayibheli lathi, “SingaMthinta ngobuthakathaka bethu,” njengoba kwenza lowo wesifazane omncane owathinta ingubo yaKhe, ukukholwa kwakho kungaMthinta kulobubusuku futhi Uzokwenza ngendlela efanayo, esenyameni yomuntu, njengoba Enza ngenkathi Esenyameni yomuntu lapho ku—kumoki ka-Abrahama. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wethembisa ukuthi Wayeyokwenza. Manje khulekani nje, noma ubani onesidingo. Futhi ngi—ngi . . .

204 Kunjengoba ngishilo, isiphiwo asiyona into ethize enjengokuthi uthatha umese, futhi uma ufuna ukusika *lokhu* ngawo, ungakusika; noma usika *lokhu*, ungakusika, kumbe noma yini ofuna ukuyenza. Leso akusiso isiphiwo sikaNkulunkulu. Niyabo? Qhabo.

205 Isiphiwo sikaNkulunkulu singenye indlela onayo yokuzidedisa wena endleleni. Neziphiwo nokubizwa kungokumiselwe ngaphambili kukaNkulunkulu. “Iziphiwo nokubizwa kungaphandle ngisho kokuphenduka.” Uzalwa nakho. Igiya elincane ozidonsela kulo, kodwa ungeke usinyathele isitibili. Niyabo? NguNkulunkulu ozokusebenza. Ufanele wena udede endleleni.

206 Ukukholwa kwakho kungakwenza, hhayi okwami; okwakho. Okwami nje kuyakukhipha endleleni. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uJesu Kristu uyaphila namuhla.

207 Ungenciki kokwakho ukuqonda, wena uthi, "Awu, manje buka, ngi—ngisesimweni esinzima, mfowethu. Awungazi. Kade ngikulesisihlalo esinamasondo. Kade ngi . . . "

208 Angikhathali ukuthi ubuyini, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu angehle yini futhi enze khona impela njengoba Enza ngenkathi Eselapha emhlabeni esemzimbeni wenyama. Uzokwenza emzimbeni wakho, emzimbeni wami, kanyekanye njengobunye sikholwa kuYe. Uzokwenza ngoba Wethembisa ukuthi Wayeyokwenza.

209 Manje ungenciki kulokho okushiwo ngomunye umuntu, "O, lokho—lokho ngukufunda kwengqondo," abaKubiza kanjalo. Bathi uJesu wayeyinto efanayo. Bathi Wayengumbhuli, "udeveli." Kodwa WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba Wayehambisana neZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe.

210 Manje, njengoba ngishilo, izindawo zethu—zethu, asidingi ukuba sibe nalokho, ukuba sikhuphuke futhi sibeke izandla phezu kwabantu. Sibeke izandla phezu kwabo izolo ebusuku. Kodwa into kuphela enifanele nibe nayo ngukukholwa, bese-ke nivuma. Ngokukholwa uyakwemukela, ngokukholwa. Hhayi—hhayi nganoma yini e . . .

Ungasho ukuthi, "Awu, manje kungenziwa kanjani?"

211 Ukuba benginganitshela ukuthi kwenziwa kanjani, khona-ke bekungeke kusaba ngukukholwa. Angazi ukuthi kwenziwa kanjani. Angazi, kodwa ngiyakukholwa. A—angazi ukuthi uNkulunkulu usisindisa kanjani—kanjani isoni, kodwa Uyakwenza. Angazi ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani noma yikuphi okwalezizinto, kodwa ngiyakwemukela. Yena, Uyakwenza, futhi yileyondlela. Ngoba, ngeke ngakuchaza. Manje, awu, ngi . . . Akusoze kwachazwa. Akekho ongakuchaza. Ngoba, uma ukuchaza, khona-ke akusesikho ukukholwa.

212 Angiboni ukuthi uNkulunkulu noKristu bangaba kanjani nguMuntu ofanayo, kodwa Babenguye. UmBhalo washo. Awu, ungeke wakuchaza, kodwa, Babenguye. "UBaba waMi ukuMi. AkusiMi owenza imisebenzi; nguBaba waMi kiMi. Uma Ngingenzi imisebenzi yaKhe, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi aNgisuye owaKhe. Kodwa uma Ngenza imisebenzi yaKhe, khona-ke Uyazifakazela Yena ukuthi NgingowaKhe."

213 Awu, yinto efanayo manje, into efanayo impela. Nguyena izolo, namuhla, naphakade, uma nizokholwa.

214 Manje nanso indoda ihlezi khona lapha phambi kwami, inezinwele ezinsundu. Ifake iwashi engalweni yayo; isudu ensundu. Ifake izibuko. Uma ningabuka khona lapha, niyayibona ihlezi ivale amehlo ayo, ikhuleka. Angiyazi

leyondoda. UBaba waseZulwini uyazi angiyazi. Kodwa nje ngizobheka kuyo umzuzu nje, ngoba ibonakala sengathi iqotho ngempela, ihlezi lapho. Selokhu ngikhulume ngayo, indoda ivele nje yavala amehlo ayo yase iqala ukukhuleka. Indoda iyisihambi kimi, lokho ngukuthi, ezandleni zami. Angiyazi. UNkulunkulu uyayazi leyondoda, futhi Angembula kimi. Uma lesosithembiso siyiqiniso eBhayibhelini, Angembula kimi ukuthi leyondoda iwavaleleni amehlo ayo, nokuthi ikhuleka mayelana nani. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

215 Uyakukholwa, mnumzane na? Uma uzovula amehlo akho, uhlezi khona lapha, buka lapha ngqo. Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Manje uyazi angikwazi. Siyizihambi omunye komunye. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Manje iqale ukukhala, ikhala izinyembezi. Ngoba, sengingayitshela manje ukuthi uNkulunkulu uzosiphendula isicelo sayo, niyabo, ngoba yilokho okuyishayile ngaleyonkathi nje, lokho kuKhanya; kusuka ebumnyameni, kwaguqukela ekuKhanyeni. Niyabo?

216 Manje, indoda, ikhulekela omunye umuntu, nalowo yilowomfanyana ohlezi ngapha ngakuyo. Leyo yindodana yayo. Kunjalo. Manje, lowomfanyana uphethwe ngu—ngukungahambi kahle kwesisu, kanti futhi kukhona okungalungile emathunjini akhe. Kunjalo. Kunjalo.

217 Abasibo abalapha. Awusuye owaseArizona. UngowaseCalifornia. Kunjalo. Futhi ungumfundisi, nenhlanganyelo yakho ikanye neAssemblies of God. Yiqiniso lelo. Mfu. ohloniphekile McKeig yigama lakho, noma Mfu. ohloniphekile Keig, kunjalo. Ngabe yiqiniso lelo na? Vayizelisa izandla zakho *kanje*. Manje umfanyana wakho uzosinda. Uyabo? Ukukholwa kwakho!

218 Manje ini? Manje kukhona indoda ephakamise izandla zayo, ayingazi, angiyazi. Kodwa bekuyini na? Ithinte umPristi oMkhulu. Manje, niyabo, ibingencike kokwayo ukuqonda. Manje izokwenzani, yenzani manje na? Izofanele ikukholwe lokho etshelwe khona, iqiniso, ngoba iyazi ukuthi ayingazi. Kunjalo.

219 Lapha, lapha kuhlezi owesifazane ehlezi khona phansi lapha phambi kwami, futhi, ukhothamise ikhanda lakhe. Uphethwe wumdlavuza. Naye uvela eCalifornia. Ngethemba ukuthi akakugeji lokhu. Nkosazane Adams. Lelo yigama lakhe. Angikaze ngimbone empilweni yami. Ya, lelo yiqiniso.

220 Kukhona inenekazi elihlezi ngqo emuva qekelele khona *lapha*. Angikwazi nje ukubeka okwami, nje ngilikhombe, kodwa ngibona ukuKhanya kulenga phezu kwalo. Lisenkathazweni ngokujulile. Linenkathazo ngentamo yalo, ngento eyodwa. Nenye into, li—line ne—nezinkathazo zokomoya, inkathazo eliphethwe yiyo. Futhi linenkathazo yasekhaya; indodakazi yalo ivele yabaleka nje. Kunjalo. Lelo yiqiniso, akusilo na? Liphakamise isandla salo. Nkk. Miller. Kunjalo. Uyakholwa

na? UNkulunkulu uzoyibuyisela emuva, aphilise umzimba wakho. Manje, angikaze ngilibone empilweni yami. Liyisihambi ngokuphelele uqobo.

221 Nanti inenekazi elihlezi lapha, izethameli. Alisi—silo elalapha, nalo lingelaseCalifornia. Linomdlavuza, nomdlavuza usebeleni lalo. Kade lihlinzwa ebeleni elilodwa, futhi usuye kwelinye. Kunjalo. Nkosazana Calvin. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakukholwa. Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Angikwazi. Lelo yiqiniso. Niyabo? Linomdlavuza.

Ukuze wazi ukuthi uNkulunkulu ukhona!

222 Kukhona inenekazi elihlezi khona eduze kwalo. Igama lalo nguNkk. Harris. Liyisihambi ngokuphelele kimi. Kodwa ngenkathi uMoya ushaya lona wesifazane, nalo lisekuzwelaneni nalo. Futhi liqhamuka eCalifornia. Kunjalo. Futhi linenkathazo ngehlombe lalo. Kunjalo. Uyakukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone; isihambi ngokuphelele.

223 Ungenciki kokwakho ukuqonda. Yini engenza lokho na? Ungeke wakuchaza lokho. Lokho yindida. Kungaphezu kokuchazwa. Buza labobantu; angikaze ngibabone empilweni yami, angikaze ngazi lutho ngabo. Bekungaqhubeka nje umhlangano wonke.

224 Kodwa, manje buka, ungenciki kokwakho ukuqonda. Kodwa ncika kulokho Akuthembisile, ukuthi Uyokwenza lokho; uma lowo kungesuye uMoya ofanayo owayehlala enyameni yomuntu, owawazi ukuthi uSara wahleka ethendeni, emva koMuntu. Kunjalo na? Futhi Wethembisa, ngaphambi nje kokuba izwe libhujiswe ngomlilo, lapho iNdodana yomuntu iyozembula Yona qobo ngendlela efanayo, njenge—ngeNdodana yomuntu (yobuprofethi) Iyozembula enyameni yomuntu njengoba Ilapha nathi kulobubusuku, njengoba Yenza ngaleyonkathi. Manje hora lini esiphila kulo na? Eduze nje kwembubhiso.

225 Mngane, ungami phakathi lapha, nhlobo, uyisoni. Yemukela uJesu Kristu useseBukhoneni baKhe. Manje, ngiyazi, ngokwejwayelekile kuyisiko kubefundisi ukwenza izicelo nokuxoxa izindaba, ngomama osewafa futhi oseshonile. Lokho kulungile. Kodwa asizi phezu kwezisekelo zomama wethu efile. Umama wami sewashona, futhi; ubaba wami, naye. Kodwa siyenyuka, ngokuhlakanipha, semukela phezu kwezisekelo zikaNkulunkulu ezibonakalisa Yena qobo kuJesu Kristu, ukususa izono zezwe. Siza futhi sikholwe phezu kokuBuyisana. Futhi Esaqinisekise iZwi laKhe . . .

226 Anginandaba ukuthi bandla lini oye kulo, iMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, noma akukho bandla nhlobo. Uma uzovuma ukuthi ukuqondile ngokwehlukile, futhi wazi ukuthi awukaze uzalwe kabusha ngokwangempela, kodwa

ufuna ukuzalwa ngokusha, futhi ufuna ukukwemukela manje, isithembiso manje. Ungahle ungagcwaliswa manje, kodwa uzogcwaliswa uma i. . . njengoba imihlangano uqhubeka. Ufuna ukukwemukela phezu kwalezozisekelo, ungasukuma ngezinyawo zakho futhi ungivumele ngikunike umkhuleko khona lapho omi khona. Wonke umuntu ophakathi lapha owaziyo . . .

227 Ungenciki kokwakho, awu, uthi, "Ngikhulumile ngezilimi." Manje, lokho akuhlangene nakho. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, nami.

228 Kodwa ngibabonile abathakathikazi, odeveli, nayoyonke enye into, ikhuluma ngezilimi futhi kuhunyushwa. Kunjalo. Buza izithunywa zenkolo phansi lapha, singathola, uMfowethu Creech, futhi niyazi kunjalo. Ngibabonile bekhuluma ngezilimi, futhi bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, bebiza udeveli. Impela. Ngibabonile bebeka ipensela phansi, futhi liyokuma futhi libhale ngezilimi ezingaziwa; nomthakathikazi noma abathakathi besilisa bame lapho, bakuhumusha.

229 Ngakho ukukhuluma ngezilimi akusiso isibonakaliso sokuthi unoMoya oNgcwele. Uma lokho, futhi uma ukhuluma ngezilimi futhi uphike leliZwi, kukhona into engalungile ndawo ndawo. Kunjalo, ehhe, kunjalo. Ungenciki kokwakho ukuqonda.

230 Omunye manje, wena uthi, "Awu, ngikumemezile." Ngiyakwenza nami. Kodwa ungenciki kulokho.

231 Ngizibonile zonke izinhlobo zamandla amademoni ememeza futhi ememeza kakhulu. Ngibabonile abakaMohamede bememeza futhi bedazuluka kuze, bazisebenza bona uqobo lwabo endaweni enjalo, bangagwaza izincezu zokhuni ziphumele ngale kwezandla zabo. ENdiya, ngibabonile bememeza kakhulu futhi begxuma phansi naphezulu, bethatha amabhola amanzi, enamahhuku kulo, futhi bekuphushela esikhumbeni sabo futhi behamba emalahleni omlilo ashisayo, kunjalo, bephika uJesu Kristu.

232 Niyabo, ungenciki kokwakho ukuqonda, kodwa phezu kweZwi likaNkulunkulu. Uma impilo yakho ingafanelani, naleliBhayibheli, ukukholwa lonke iZwi eliphakathi lapho; futhi ufuna ukulikholwa, futhi ufuna uNkulunkulu asebenze intando yaKhe ngawe, ngoba ungaba ingxenye kaNkulunkulu, ungama bese uthi, "Ngizokwemukela khona manje, mfowethu." Ngiyabonga. Ngiyabonga. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuyamangalisa. UNkulunkulu akubusise. Kwangathi uNkulunkulu angakupha, bonke laba abaqotho. Wena uthi . . . Yibani nilokhu nimile nje—nje, nje . . .

233 Wena uthi, "Ngiyilunga lebandla, Mfowethu Branham, kodwa ngempela ngiyiPhentekoste; kodwa uma sekuza

ngempela ekushoni kwangempela ngingakholwa konke ukuthi iZwi liyiQiniso, angikwazi nje ukukwenza, kodwa ngi—ngifuna ukukwenza. Ngisize, ngikhulekele. Ngifuna ukusukuma futhi ngithi, 'Ngi—ngi . . .'" Wena uthi, "Awu, buka, ngihlezi lapha, noma ngifakazile kulelibandla, engangiyikho." Kodwa uyazi, phansi enhliziyweni yakho, awunjalo. UNkulunkulu uyazi, awunjalo, futhi, niyabo, ngakho kungani nje ungami. Ungenciki kokwakho ukuqonda, kodwa yencika eZwini laKhe.

234 Uzoma, abanye futhi na? Omunye futhi ofuna ukuma na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena. "Nkulunkulu, ngisize." UNkulunkulu anibusise nonke. Lokho kuhle. Yibani nilokhu nimile nje.

235 Uthi, "Lokho kuzongenzela okuhle na?" Sukuma kanye, ubone uma kukwenza. Kusho ngempela, "Ngifuna, Mfowethu Branham, ngifuna ukuba ngolungile. Ngifuna ukuba ngolungile."

236 Manje, angisho ukuthi shiya ibandla lakho. Qhabo, mnumzane. Hlala khona lapho lapho okhona, yiba nje ngumuntu ogcwaliswe ngempela ngoMoya oNgcwele kulelobandla. Wena uthi, "Awu, angazi ukuthi umelusi wami uzothini." Uzokuthokozela uma ugcwalisiwe, uma eyindoda kaNkulunkulu. Kunjalo.

237 "Kanjalo ukukhanya kwenu makukhanye phambi kwabantu ukuze babone imisebenzi yenu emihle futhi badumise uBaba wabo."

238 UNkulunkulu akubusise. Awu, uNkulunkulu anibusise nobabili, nawe; nawe, mfowethu, wena. UNkulunkulu akubusise, ngamunye. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise phansi lapha.

239 Manje nina enisukumile, uma nizizwa ningcono emva kokusukuma, phakamisani nje izandla zenu ukutshela abanye ukuthi nizizwa ningcono ngakho emva kokuba niphakamile. Niyabo, sonke isandla. Impela, niyakwenza. Niyabo, niqotho. Nisukumile, nithi, "Ngizoba ufakazi."

240 "OzoNgimela lapha, Ngiyommela lapho. Onamahloni ngaMi lapha phambi kwalababantu, Ngiyoba namahloni ngaye phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Ungabi namahloni ngaYe. Ungenciki phezu kokwakho ukuzindla. Ncika phezu kweZwi likaNkulunkulu. "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele."

241 Bangabakhona abanye futhi, ngaphambi nje kokuba sikhuleke na? Asikhothamise amakhanda ethu ke. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Impela. UNkulunkulu akubusise, nawe, mfowethu. Impela. Angabakhona omunye, sisakhothamise nje amakhanda ethu na? UNkulunkulu akubusise, wena. Manje,

kunjalo, nisamile. Sizolinda umzuzwana nje, umzuzwana nje. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Uthi, "Ngabe kuchaza noma yini, uthi, 'UNkulunkulu akubusise'?" Lokho kusho izibusiso zami kini. UNkulunkulu anibusise.

242 Abanye benu omile nizungeze ubonda, lapho eningenandlu ukuhlala phansi, ningasiphakamisa nje isandla senu, nithi, "Mina, Nkulunkulu, yimi"? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, nawe; nawe, dadewethu; nawe, mfowethu; nawe, dadewethu.

243 O, uMoya oNgcwele uhamba kamnandi kakhulu phezu kwezethameli. Ningakuzwa Lokho na? UNkulunkulu akubusise, nsizwa phezulu lapha emsamo. UNkulunkulu akubusise, ngale ekhoneni. UNkulunkulu akubusise, mfo omncane. Yebo.

244 O Moya oNgcwele, hamba ngokufreshi ezinhliziyweni zethu manje. Sikhombise amaphutha ethu, Nkosi. Asi . . . Asizukuncika kokwethu ukuqonda, ukuzindla kwethu. Kodwa sincika phezu kwaKho, ngoba siyazi ukuthi simi ebuNkulunkulwini baKho, isithembiso esiqinisekisiwe sanamhlanje. Uzenzile Wena qobo waziwa phambili le kwanoma yikuphi, phambili le kwanoma yikuphi ukuzindla. Angeke sazindla noma sikuchaze. Kodwa Wehlele phansi lapha ngqo phakathi kwethu manje, futhi wenziwa waziwa kithi ukuthi Ulapha, futhi abesilisa nabesifazane bayakukholwa lokho futhi bayakwemukela.

245 Nkulunkulu, thatha ngamunye wabo ubafake esifubeni saKho, futhi ubafihle eDwaleni lemiNyaka ize yedlule imililo. Silungiselela ukushiswa, Nkosi. Siyakwazi. Sisemuva eSodoma. "Kodwa olungile akayikubhubha nonecala." Uyobiza abantwana baKho, Nkosi. Watshela uLoti, "Phuma lapho. Phuma." Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngamunye okulesosimo kulobubusuku, ophandle lapho, bengaqinisekile lapho bemi khona . . .

246 Nkulunkulu, bebengeke bathathe ithuba ekwehleleni estradini esiya nganxanye, umgwaqo ongafanele. Bebengeke bathathe ithuba ukugijima bedlule ilambu elibomvu, uma besile engqondweni yabo, ngoba bangabulawa. Manje-ke umuntu angalithatha kanjani ithuba esiphethweni sabo saPhakade, baqagele nje, becabangela, isenzeko esingajwayelekile esingenagunya langempela lokwenza, ngoba bangabebandla noma ihlelo na? Futhi ngempela bangeke, ngeke baqonde ukuthi lingaba kanjani iZwi likaNkulunkulu namhlanje njengoba lalinjalo ngaleyonkathi, ukuthi lezizithembiso zingabonakaliswa kanjani. "Unyaka wabaphostoli ukuba uphele." Basize, Baba. Ngibanikela kuWe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

247 Ngiyabonga, mfowethu, dadewethu. Ngijabula kakhulu ukukubiza ngomfowethu, dadewethu.

248 Khumbulani, uNkulunkulu uyongenza ngiphendule ngalolonke izwi, ngoSuku lokwaHlulelwa. Yonke into engiyishumayelile kulobubusuku, ngifanele ngiphendule ngayo. Nginonembeza ngalokho. Ngenzeni kusukela ngisengumfanyana, ngashumayela leliVangeli, bese-ke ngiba isilahlwa na?

249 Manje bangaki kini ogulayo nohluphekileyo, lapha kulobubusuku, futhi ufuna ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho. Manje ningangenzela nje enye into eyodwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Bekani izandla zenu phezu komunye ngamunye. Wonke umuntu khothamisa ikhanda lakho manje, futhi nje kube sengathi ubusendlini yokukhonzela, phezulu lapha emsamo.

250 Nkulunkulu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu, nangoBukhona baKhe, uBukhona obuqinisekisiwe! Lona impela iZwi ebelikade lishunyayelwa, liqinisiwe ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. UMoya oNgcwele kaNkulunkulu mawushanele phezu kwalesisixuku sabantu njengamanje. Abaningi babo ufikile futhi waKwemukela njengoMsindisi wabo, abahlubuki abaningi uKwemukelile futhi babuya. O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayosinda." Wakwethembisa, Nkosi, nabantwana abakholwayo babeke izandla zabo phezu komunye nomunye.

251 Sathane, wehluliwe. Phuma kulababantu, eGameni likaJesu Kristu. Dedela labobantu bahambe, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

252 Wonke lowo okholwa ukuthi uJesu Kristu manje ungumPhilisi wakho, kanjalo noMsindisi wakho, futhi ufuna ukuMemukela phezu kwalezozinkundla ezifanayo, yima ngezinyawo zakho, uthi, "Manje ngemukela uJesu njengomPhilisi wami, kanjalo njengoMsindisi wami." Kuyamangalisa! Ayidunyiswe iNkosi! Ayibongwe iNkosi! Manje asiphakamise izandla zethu futhi sicule kuYe.

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

253 O, anizizwa nikahle na? Vayizelani ngezandla zenu. O, he! Asilicule futhi.

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngo . . . (Khumbulani, "nguyena izolo, namuhla, naphakade," LeloWundlu linguye.)
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

254 Niyakuthanda lokho na? [Ibandla liyamemeza, "Haleluya!"—Umhl.] Amen. Aseluleke bese sixhawulana nomunye. Lokhu ngukubhoboka komhlangano, oqala engqungqutheleni. Thana, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, sihambi. UNkulunkulu akubusise." Lokho kukahle. Lokho kuhle. Kuyamangalisa! Manje niyakholwa ukuthi sizoba nengqungquthela enkulu emva kwalena na? ["Amen."] Siyambonga uNkulunkulu ngomhlangano omkhulu, manje sizoba nengqungquthela enkulu. Wonke okukholwayo, akathi, "Amen." ["Amen."]

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu (asibheke kuYe manje) lase
Khalvari,
O Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho ngakho konke!

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama bubeyimini,
Sula izinyembezi zokudabuka,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho ngakho konke!

255 Amen! Ibandla lathi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Haleluya!

O Mdumiseni,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo, nonke ninabantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Kumangalisa kanjani pho!

256 Kulungile, singakhothamisa amakhanda ethu manje senzele isibusiso. Angazi ukuthi ubani okhethelwe ukuba asenze. Mfowethu Johnny Manadal, waseCalifornia, sisabhekise amakhanda ethu phansi. Manje ningakhohlwa kusasa ebusuku, lokho okokuqala, ukuqala. Kusasa ebusuku, ingqungquthela izoba khona lapha, khona lapha kuleliholo, ligamanxe elesikhombisa.

257 UNkulunkulu anibusise. Nibujabulele uBukhona bukaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Manje asikhothamise ikhanda lethu uMfowethu Jonny esasikhipha.

